# *UJosefa Uhlangana Nabafowabo*

...ngephimbo elanele ukukhuluma kancanyana. Futhi ngibe nokuphathwa umphimbo isikhashana. Futhi—futhi, kulokhu ukusa, ngithole ukubanda okubi kabi; kubukeka sengathi, ngaso sonke nje isikhathi lapho ngehla, ngandlelathile, khona phakathi kulesisigodi. Izolo bengikhuluma nabanye babazalwane ngenkathi besiphezulu esiqongweni samagqunyana eNew Albany, futhi ngibuke phansi ngalendlela. Ngathi, "Yileso sizathu, khona lapho." Yinkungu nje elenga ngalapha, nokufana nomshishilizo kulo lonke idolobha lonke. Futhi kuthe nje ngifika kulendawo eseduze, nje njengoba ngehla lapha, nakho kuhamba, niyabo, futhi, masinyane nje lapho ngingena. O, ngidingeke ngithathe ithende bese ngikhuphukela esiqongweni sentaba, endaweni ethile, futhi ngikhempe. Isizathu, siyizihambi nje nabafokazi, empeleni, asizona na? "Sifuna uMuzi oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu." Yilokho esikuthandayo. Manje sinabanye...

2 Ngaphambi nje kwenkonzo, kulokhu ukusa, futhi ngaphambi kwesifundo sikaSonto sikole, sino—nokubusiswa kwezingane. Futhi umfowethu unomncinyana afisa abusiswe eNkosini; umfowethu, enyameni. Futhi mhlawumbe, abanye benu nonke bomama nobaba lapha ninomncinyane ukuba abusiswe. Manje, kaningi, eBhayibhelini...

3 Futhi sibe nokwehlukanisa okuningi emabandleni, ngenxa yokuhlukana kwemicabango mayelana nokubhaphathizwa kosana, nokunye nokunye. Futhi, manje, labo abazithathayo, futhi bazifafaze okombhaphathizo wosana, lokho kukunoma iyiphi indlela ofuna ukukubusisa ngayo. Kodwa, yonke into ifinyelela entweni eyodwa, ukubusiswa eNkosini. Niyabo? Futhi manje...

4 Ngoba, ingane, mayelana nesono, ayinaso. UJesu wafela ukususa izono zezwe. Futhi ingane ayenzanga sono, kuphela kwaba...Yisoni. Izalelwa esonweni. Kodwa ngenkathi uKristu efa eKalvari, Wasusa izono zezwe, futhi ingane ayinacala kuze kuba iba seminyakeni yokuziphendulela. Futhi noma yiyiphi ingane encane, kungenandaba ukuthi abazali banesono kangakanani, kuthi nje ingafa, iya ngqo ezingalweni zikaKristu, niyabo, ngoba Wayikhokha intengo. Akunandaba uma kuyingane ezalelwa esonweni, futhi ngokuphinga noma ngabe kuyini, akwenzi mehluko nhlobo, leyongane iphephile noKristu ngoba Wafela ukususa izono zezwe. Futhi lapho—lapho ibandala

ngokwanele manje, ukuthi isiyenze isono ngokwayo, khona-ke izofanele iphenduke ngalokho ekwenzile. Kodwa ayinasono ngokwayo ize kuba isindala ngokwanele ukuba yenze isono, ukwazi ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile. Kodwa, manje, sihlala njalo sizama ukuhlala ngokusondele eBhayibheli kulezizinto, njengoba sazi ukuthi kanjani.

5 Manje, awukho mBhalo eBhayibhelini, wokufafaza izingane. Into kuphela kuphela esiyitholayo. . . Noma, akukho mbhaphathizo wosana eBhayibhelini, noma ngasiphi isimo. Indawo kuphela esingayithola, elotshwe lapha emiBhalweni, ukuthi uJe-. . . "Baletha kuJesu abantwanyana, Wabaphakamisa ngezingalo zaKhe futhi wababusisa, futhi wathi, 'Vumelani abantwana beze kiMi, ningabenqabeli, ngokuba uMbuso weZulu ungowabanjalo.'"

6 Manje, lokho, manje, njengoba Esehambile waqhubekela kuNkulunkulu, futhi uhlezi ngakwesokunene, namhlaje, emzimbeni waKhe wangempela, nasesiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu. Futhi Wayala iBandla laKhe ukuba liye ezweni lonke futhi liqhube imisebenzi Ayiqalayo lapha ngenkathi Wayelapha emhlabeni, okungukuthi, ukushumayela iVangeli, ukuphulukisa abagulayo, nokubusisa abantwana, nokunye nokunye. Ngakho-ke, abathandekayo uyacelwa ukuba balethe abancinyane babo eNkosini, ngokubanikela kumelusi wabo, ezingalweni zakhe. Futhi uyabaphakamisa, ngokukholwa, kuKristu, futhi ucela uKristu ukuba ababusise.

7 Futhi, ngakho-ke, uma unomncinyane o—ongakambusisi eNkosini, futhi ubuzofuna ukumletha ngenkathi udadewethu edlala upiyano, *BaNgeniseni,* futhi singalicula. Bangaki olaziyo iculo elidala, *BaNgeniseni*? Futhi lokho kulungile. Manje, uMnu. noNkk. Henry Branham bazoletha omncinyane wabo. Futhi noma yimuphi wabo bonke onabathile ofuna ukubaletha, awu, baletheni khona phezulu ngalesisikhathi manje nenzele ukubusiswa. Kulungile.

> Bangenisen', bangenisen',
> Bangenisen' baphume emasimini esono;
> Bangenisen', bangenisen',. . .?. . .

8 Ngifuna ukunikhombisa omunye uBranham omncane, uMary Ella Branham omncane. Yindodakazi kamfowethu nomkakhe othandekayo. Ukuthi, beze ngaphambili kulokhukusa, ebandleni, ukunikela umfo omncane, ukuphila, kubuyele kuNkulunkulu, Obanikezile.

Manje singakhothamisa amakhanda ethu okomzuzwana.

9 Baba wethu waseZulwini onomusa, njengoba kumi lapha phambi kwami namhlanje, umfowethu uqobo enyameni, nomlobokazi wakhe, umkakhe. Futhi Wena ubusise kakhulu amakhaya abo ngalo Mary Ella omncane, ukubanika injabulo ezinsukwini ezikhona phambi kwabo. NgiyaKubonga

ngenkumbulo yabo lapho ingane ivela khona, nokuyiletha namuhla ebandleni, ukuthi bangayibuyisela kuWe. Futhi manje nginikeza Wena ingane, ezingalweni zokukholwa, futhi ngicela Wena ukuba ubusise omncinyane engimbambile. Futhi kwangathi ingaphila futhi ikhule. Futhi uma uJesu elibala, kwangathi ingaba inceku yaKho, ukukhonza Wena.

10 Busisa uyise nonina. Futhi, Nkulunkulu, yipha ukuthi uMoya waKho oNgcwele uzobahola ohambweni lwempilo. Futhi ngosuku oluthile, lapho loluhambo lwasemhlabeni olungengcwele luyakuphela, kwangathi wonke umndeni omkhulu ungabuthelwa ndawonye eNkazimulweni. Siphe khona, Nkosi. Kuze kufike lesosikhathi, kwangathi umntwana angakhula futhi abusiswe nguNkulunkulu, abe nempilo futhi aqine, futhi abe yisibonelo sobufazane ezinsukwini zakhe ezizayo. Futhi sizonika Wena udumo. Ngokuba sinika Wena ingane manje, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKho. Amen.

11 Futhi ngiyibuyisela kuwe. UNkulunkulu akubusise. INkosi ikubusise. Kulungile.

> Inkumbulo eyigugu, bayilibala kanjani,
> Ithunyelwe ivela ndawo ndawo iya emphefumulweni wami;
> Lapho belibala, eduze kwami njalo,
> Igugu, izindawo ezingcwele zisombululiwe.

12 Siyidumisa kanjani iNkosi yethu ethandekayo ngabo bonke abancinyane! Niyazi, kubonakala nje kuxakile ukuthi sake saba ngabancinyane kanjani kanjalo. Futhi kukhona okuthile ngengane engenabugovu, ithethelela kakhulu futhi inomusa kakhulu. Ngisho iNkosi yethu yafanekisa bona, futhi yathi, "Uma ungaphenduki futhi ube njengomunye walaba abancinyane," kulula kakhulu.

13 Ngiqaphela uJoseph wami omncane, ukuthi usekhule kanjani ukuba abe kunoma yini, futhi unina uzofanele amqondise. Futhi uyodonsa ilambu licishe, noma ngabe yini okunye, ukuba nje alizwe lishaya iphansi. Bese kuthi-ke uma kwenzeka unina amthwansule, noma okuthize, uzokhwela ezingalweni zakhe ngqo futhi amgaxe kanjalo.

14 Sifanele sithethelelwe, omunye komunye, njengalaba bantwana abancane, ukuba singene eMbusweni.

15 Manje, sibonga uNkulunkulu ngalengane encanyana, uMary Ella Branham omncane. Futhi kwangathi ingaphila, futhi ikhule futhi iphumelele, futhi ibe inceku yeNkosi. Futhi kwangathi ikhaya ekhuliswa kulo lingaba yikhaya lomKristu, futhi ukuze izokhula ekwazini uKristu. Futhi manje si . . .

Ngiyabonga, Dadewethu Gertie.

16 Futhi manje abancinyane sebethathe indawo yabo egumbini benzela amakilasi kaSonto sikole.

17 Futhi umelusi use—sezenzile izimemezelo lapho izinkonzo zizoba khona namhlanje, nakusasa, kusasa ebusuku. Kulentambama, bazo . . . ngokwazi kwami, azikho izinkonzo ezivuliwe, ngaphandle uma bekungaba ezinye izimishini ezincane eLouisville, esizejwayele, uMfowethu Durban nabaningi babo. Ngicabanga ukuthi banenkonzo yangeSonto ntambama.

18 Nginezingcingo eziningi. Abantu abaningi basezinkantolo, nokunye nokunye, ukuba bakhulekelwe, ogulayo nohluphekile.

19 Izinkonzo zami ezilandelayo zizoba seCleveland, eTennessee, ziqala ebusuku ngoLwesihlanu oluzayo, ngoLwesihlanu kuze kube yiSonto.

20 Bese kuthi-ke siza ekhaya ngqo, futhi siya eSouth Bend, e-Indiana, futhi okobusuku obubili lapho kokubusiswa kwethempeli; uMfowethu R. E. S. Toms waseSaskatoon, eSaskatchewan.

21 Bese kuthi-ke, ukusuka lapho, siya eSturgis, eMichigan, ubusuku obubili benkonzo eSturgis, eMichigan.

22 Bese kuthi-ke siwelela eLima, e-Ohio, kubantu beBaptisti, eHholo elikhulu iMemorial e—eLima, e-Ohio. Lokho kuqala ngoJanuwari wamashumi amabili-nantathu, kuze kube amashumi amabili-nesikhombisa.

23 Bese kuthi-ke, ukusuka lapho, siwelela eWest Coast khona-ke, emihlanganweni emikhulu eCalifornia nase-Arizona. Sikhulekeleni. Kusasa . . .

24 Namhlanje ebusuku, ligamenxe elesikhombisa, kuzoba izinkonzo zokuvangela lapha etabernakele, futhi wonke umuntu umenyiwe.

25 Futhi kusasa ebusuku, ngizodingeka ngi . . . Ngizokhulumela uMfowethu Cauble, enkonzweni yakhe—yakhe yokuqapha maphakathi nobusuku. Ngizobe . . . Ingxenye yami iqala ngelesishiyagalolunye, kuze kube cishe ligamanxe elesishiyagalolunye.

26 Khona-ke ngizobuyela etabernakele lapha, lapho umhlangano uzobe usuvele uyaqhubeka, nabelusi nabefundisi abavakashile abazoba lapha, ukuba nengxenye enkonzweni yakusasa ebusuku. Uma nonke nithanda ukuzwa abelusi bekhuluma futhi bezwakalisa izindlela zabo zokunitshela ukuthi uwuqala kanjani unyaka omusha, nokuthi wenzeni, ngani, esimweni sokubuka ngokomBhalo, ngani, qiniseka ukuba lapha kusasa ebusuku. Izinkonzo ziqala ligamenxe elesikhombisa, njengokuvamisile, ligamenxe elesikhombisa. Futhi zizoqhubeka kuze kube phakathi kwamabili, ngeSonto ebusuku, bese kuthi-ke . . . noma, ngoMsombuluko ebusuku,

njalo. Khona-ke, ngemva kwelesishiyagalolunye nqo, emuva kokuba sengiqedile noMfowethu Cauble, ngizobuya ngqo ngapha etabernakele, ukuqala, futhi mhlasimbe, mhlawumbe, ngiqedele leyontshumayelo engifisa ukuyiqala kulokhukusa. Noma, ngi . . . kuthi ukungithatha isikhathi eside.

27 Ngihamba kancane, niyazi, kepha ngithanda ukuthi Yehlele phansi ohlobweni olufanele lwesisekelo. Ngakho-ke, asikho isidingo sokuba ngiYisakaze noma kuphi. Ngifuna Ilale lapho, futhi ikhule futhi iphumelelele iNkosi.

28 Manje, kukhona u—umfundisi lapha kulokhukusa, umfundisi osemncane ofanele ukuba, ngiyacabanga, eHhotela labahamba ngezimoto iBel Air. Ngifanele ngimbone cishe ngelesibili kuya kwelesithathu, kulentambama. Futhi, noma, ngabe ungaphakathi, manje na? Njengoba, ngiyalikhohlwa igama likamfowethu ukuthi ngubani. Uvela ezansi e-Tennessee. Waphulukiswa emhlane ophukile, emhlanganweni wami, futhi wangena enkonzweni. Lo mfowethu, *lapho*. Kulungile. Kuhle. Lokho kuse . . . Lokho kusukela . . . Ngabe bekungelesibili kuya lwelesithathu, bekunjalo na? Ngi . . . [Umfowethu uthi, "Ngelesithathu."—Umhl.] Ngelesithathu; ngelesithathu kuya kwelesine. Kulungile.

29 Bese kuthi-ke kukhona omunye umfundisi, angazi noma ngabe usekhona okwamanje noma qha. Uvela enhla le enyakatho yeBritish Columbia. Ngelinye ilanga, lapho ngangizama ukubopha ngeshasipele ubhasikidi othile othwalwa yimbongolo, kwamanye amahhashi, ngiyacabanga, noma okuthize; Nganginentshebe ethi ayibe yinde *kangako*, ngangikade ngibuyele ohambweni lokuyozingela; eminyakeni emininingana eyedlule. Indoda yenyuka futhi yathi, "Awusuye uMfowethu Branham na?"

30 Ngihlangane nenekazi eliselincane esitolo, futhi lithe lalingakaze limbone u wom- . . . noma—noma lalingakaze lilibone idolobha, idolobha elikhulu. Futhi ngicabanga ukuthi laliqhele ngamamayela angamakhulu amane noma amahlanu ukusuka edolobheni, mhlawumbe ngaphezu kwalakho, amakhulu amamayela kusukela emgwaqeni oqinile, edolobheni elincane elibizwa nge-East Pines. Ngicabanga ukuthi kukhona isitolo esisodwa lapho. Ngemuva le phakathi lapho, lezi zithandani zenyuka.

31 Futhi zisendleleni yazo ukuya eCuba. Angazi noma balapha kulokhu ukusa, ya, abasuka enyakatho yeBritish Columbia na? Khona *lapha*. Awu, ayibusiswe inhliziyo yakho, mfowethu. Siyajabula ukuba nawe nomkakho, izithunywa zenkolo, zihamba zedlula. Ungishayele ucingo, kulokhukusa, ese—eseHhotela labahamba ngezimoto iStar. INkosi ikubusise. Ngiyazi ukuthi bonke abazalwane bethu bazokuthokozela ukubaxhawula. Futhi indoda ukuthi,

ngesithombe, yayingangibona nayo yonke leyontshebe nginayo, unokwahlukanisa okuhle. [UMfowethu Branham nebandla bayahleka—Umhl.] Kuhle kakhulu.

32 Futhi babengamaqhawe kakhulu, indlela phezulu phakathi lapho lapho kungekho bantu, kanzima, phezulu le e-East Pines. Futhi kuyoba, kuzoba nzima ukusho ukuthi bambalwa kangakanani abantu okhona kulelozwe, kodwa, nokho, babephezulu lapho njengezithunywa zenkolo, bezama ukwenza okuthile benzela inkazimulo kaNkulunkulu. Ngiyabathokozela impela ngayo yonke inhliziyo yami. Ngiyanazi nonke niyathanda ukubaxhawula futhi nizwe ngezwe elikhulu elisenyakatho-ntshonalanga. Futhi, manje, bese-ke i . . .

33 Ngikholwa ukuthi umama kaNkk. Roberson usagula kakhulu. Ngizofanele ngimbone kulentambama, futhi nikhumbule ukumkhulekela. Lokho kuzoba . . . Bese kuthi-ke, iNkosi ithanda, ngizobuya lapha futhi ligamenxe elesikhombisa kulobubusuku. Ngicabanga ukuthi iMcSpaddin isemuva lapho, njengoba sizodla kanye nabo idina cishe ngehora lesithupha nqo, futhi kusinika isikhathi sokubuya.

34 Bese kuthi-ke sifuna ukuvakashela uNkk. Burns. Ngabe uMfowethu Burns ungaphakathi, kulokhukusa na? Ngabe ulapha na? Yebo. Angikubonanga, Mfowethu Burns, uhleli. Udadewethu Burns uyagula kakhulu, ugula kakhulu.

35 Futhi bengingapesheya ngokunye ukuhlwa, ukuyombona, futhi ugula kakhulu. Futhi ungumphefumulo oyiqhawe. Futhi sifuna wonke umuntu ukuba abambelele njalo njalo kuNkulunkulu, ngoba, ukukuveza ngalendlela, singazi ukuthi ubani oyoba lapha; kodwa kuzothatha isimangaliso sikaNkulunkulu ukubuyisa uDadewethu Burns ebandleni futhi. Kunjalo.

36 Lapho, umyeni wakhe othandekayo esanda kuphuma esibhedlela phezulu laphaya, eSibhedlela iVeteran, enomdlavuza, elahlelwe ukuba afe, futhi uNkulunkulu wamphulukisa. Futhi nangu, ebuyele ebandleni, futhi enempilo ekahle kakhulu futhi njengoba bekungalindelwa kuloluhlobo lwesikhathi. Futhi ngenkathi iNkosi imphilisile obendeni olunwebeke kakhulu, nomdlavuza kulo, into efanayo, iminyaka neminyaka edlule.

37 Futhi ngiyasikhumbula isikhathi impela, ngenkathi uMfowethu Wood ehleli lapho. Ngangiseholidini elincane. Sasiphandle emahlathini, sizingela izingwejeje, futhi iNto ethile yathi kimi, "Iya ekhaya." Ngaya ekhaya. Futhi kungani ngangifanele ngiye eLouisville, angisoze ngazi. Futhi uMfowethu Wood, wakhulela ngaseLouisville, eshayela ngasebhilidini okungesilo, ezungeza, ezungeza, ezungeza, ezama ukuzongithatha. Futhi uNkulunkulu wayengibambele ekhoneni, ngilinde uDadewethu Burns ukuba eze azongitshela. Futhi

kwakunguye, lowo wesifazane oyiqhawe, ofikayo wangitshela ukuthi umyeni wakhe wayefa phakathi lapho esibhedlela, ngenkathi siya lapho futhi sakhuleka.

38 Futhi wagoba, futhi wathatha lesosithombe, leso iNkosi yayithathe isithombe saYo, iNsika yoMlilo . . . Nonke nisibonile, ngiyacabangela. Sibekwe phansi kwiphansi. Futhi wathi, "Nkulunkulu othandekayo waseZulwini," wathi, "ngisize ngithole uMfowethu Branham kanye nje. Ngifanele ngikwenze." Futhi wathi, "Ngelosi kaNkulunkulu, ngiholele kuye." Kuthatha lokho-ke. Futhi wasukuma, futhi uya edolobheni, ukuyokhokha imali yokusetshenzisiwe, futhi ngokungajwayelekile waholeleka ngakwelinye ikhona. Futhi uNkulunkulu wangithuma ngisuka emahlathini, ngaya eLouisville, futhi wangibamba ekhoneni ingxenye yehora, ngibuka uMfowethu Wood ejikela ekhoneni okungesilo ngasosonke isikhathi phezulu lapho, ezama ukuzongithatha, wayenjalo. Niyabo?

39 Manje, siyazi ukuthi uNkulunkulu uyazi ukuthi indodakazi yaKhe encane ilele kuphi ngaleya, futhi Angahle alindele wena ukuba ukhuleke umkhuleko wokukholwa. Sizokwenza konke esingakwenza.

40 Enye into esifuna ukuyisho kulokhukusa, hhayi ngokukhothamisa ikhanda kuphela, kepha izinhliziyo, kwenye yamadoda athembekile kunawo onke engi . . . enye wawo, engake ngahlangana nayo empilweni yami, nguMfowethu Higginbotham. Owakhe . . . Udadewethu othandekayo uhambile ukuba abe neNkosi uJesu. Isosha eliyiqhawe likaNkulunkulu; kukangaki ngimbona eza e-altare! Ukulangazelela kwakhe kwakungukuthi, njalo, ukungena kulomugqa womkhuleko, lapho uMoya oNgcwele ubungamtshela ukuthi inkinga bekuyini. Ubefisa ukukwenza. Futhi kukangaki ehambe wanqamula lo msamo lapha, ezama ukuthola uma ukwahlukanisa kwakuzo—kwakuzofika. Futhi kweminye imihlangano nezindawo ezahlukahlukene aye wazizama, kepha bekungeke nje kufike kalula, ngandlela-thize.

41 Futhi khona-ke, emavikini ambalwa edlule, ngingena esibhedlela ezansi lapho, lapho ngizwe ukuthi wayegula, futhi kwase kuleyithi kusihlwa. Futhi lapho ngingena esibhedlela futhi ngahlala phansi eceleni kwakhe, lapho uMoya oNgcwele wehla; futhi wahamba wayothi ngqu wangena empilweni futhi wakhipha yonke into, futhi wakubeka ngqo lapho inkathazo yayikhona. Kepha, into emangazayo yayingukuthi, uDadewethu Higginbotham wayengasafisi ngisho ukuhlala lapha nhlobo. Wayefuna ukuqhubeka. KwakuneNto eyayimbiza. Waphendula lokho kubiza ngelinye ilanga ukuba ahambe abe noNkulunkulu. Futhi ngiyohlala ngikukhumbula lokho. Ya.[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

42 Akumangalisi uzizwa kabi lapho ungena edolobheni; lenqabe iVangeli. Yileyo indaba. Nokulahlwa ayikho. Izikhulula zika-'37 ngeke zaba yilutho, kuze kuphele lokhu. Kepha, yebo, kulahliwe, impela. Futhi yingalesosizathu isandla esilobayo sisodongeni.

43 Futhi, manje, kubi kakhulu. Futhi singumnikazi wempahla, izinto ngalapha, kepha ngizwile ngolunye usuku ukuthi abanye babazalwane bethu bathola ithikithi ngokupaka ngisho ongqenqemeni lwengxenye yendawo yebandla lapho. Ihlazo elinje pho! Ngizolikhokha lelo thikithi uma nje nizongazisa ukuthi bekuyini. Lokho kuyadabukisa. Yebo, mnumzane. Awu, thina, lokhu, ngicabanga ukuthi uma. . . ngicabanga ukuthi sisenakho lokho. Okungenani, incwadi yesibopho ehambisana nomthetho isho njalo. Wozani ngapha ngqo kulokhu lapha, futhi mhlawumbe ngeke nilithole ithikithi laphaya. Kodwa ngiyajabula ukuthi sibheke endaweni lapho bengakhiphi amathikithi. Anijabuli na? Kulungile. Emangalisayo. Yebo, impela. Manje, angi. . .

44 Ngizozama nje ukukhuluma isikhashana, kulokhukusa, ngoba nginomkhuhlane wekhanda ngempela, futhi ngivimbene. Futhi—futhi ngifuna ukuthatha indaba yami eTestamenteni eLidala, futhi nje ngifundise isikhashana, iNkosi ithanda. Bese kuthi-ke mhlawumbe, kulobubusuku, uma ngibuya, iNkosi ithanda, ngibuye ngesikhathi, futhi nginganikhandli ngokweqile.

45 O, ngivele ngacabanga nje, futhi. UMfowethu Kelly ohlezi lapha, noDadewethu Kelly, uzokwenyuka, khona lapho e. . . Wozani ngokushesha njengoba ningenza, emva kwedina, ngoba ngikhishiwe ngempela kulentambama, nezinto eziningi, Mfowethu Kelly. Ngikhumbula obunye ubusuku, phezulu lapho, ngangisuka ocingweni ngenkathi nonke ningena. Kulungile. [Udade uthi, okusuka ebandleni, "Uzoza, Mfowethu Branham na?"—Umhl.] Manje, lokho—lokho kulungile, sisi.

46 Manje, khona-ke, ngikhulekeleni, futhi nikhulekele. . . izinqumo zami, zeNkosi, zizoba—zizoba ngezaKhe, okwedlula konke engingakwenza.

47 Manje, sifuna ukuphenya ngapha eNcwadini endala, endala, eyokugcina. . . INcwadi yokuqala, uGenesise 35, futhi sifisa ukufunda ingxenye encane nje yemiBhalo lapha eNcwadini kaGenesise. Futhi sikhulekela ukuthi uNkulunkulu ngokucebile uzokwengeza izibusiso zaKhe njengesendlalelo sento ethile esifisa ukufundisa ngayo.

48 Futhi bangaki abathanda isikole sangeSonto na? O, lokho yi. . . Bangaki owaziyo ukuthi kwaqaleka kuqala kuphi na? Angiboni sandla. Kuwuhlobo lwe. . . Bangaki owaziyo ukuthi kuqala kwakubizwa kanjani na? Uphi umkami na? Ubefanele akwazi lokho. Kulungile. Kwaku. . .

49 [UMfowethu Neville uthi, "Mfowethu Branham?"—Umhl.] Ya? ["Mishini-. . .Esinye isithunywa senkolo lapha kulokhu ukusa."] Esinye isithunywa senkolo. UNkulunkulu akubusise. ["Mfowethu Naber."] Umfowethu ubani? ["UMfowethu Naber."] UMfowethu Naber, ukuphi yena na? Ungasiphakamisa isandla sakho, Mfowethu Naber? UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Ngabe umkakho lowo onawe na? Lokho kuhle kakhulu. Siyajabula ukuba nawe nomndeni wakho kanye nathi kulokhukusa. Uyazi usentandweni kaNkulunkulu. Uyabo? Ufanele, uma uyisithunywa senkolo, uyabo. Isizathu, imiyalo ejwayelekile uthi, "Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo."

50 Indoda eyisithunywa senkolo! Manje, angi—anginandaba kakhulu. . .*Isithunywa senkolo* yigama elihle kakhulu, kodwa nginegama elingcono laso. Ungumphostoli. Uyabo? Kunjalo. Manje, lichaza ukuthini igama elithi *umphostoli* na? "Lowo othunyiweyo." Lichaza ukuthini igama elithi *isithunywa senkolo* na? "Lowo othunyiweyo." Yinto efanayo. Ngakho-ke, izithunywa zenkolo, abaprofethi, abavangeli, abafundisi, nabelusi, kwakha iBandla. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Abaphostoli, abaprofethi. . .bayababiza. Ngakho-ke, inqobo nje uma uyisithunywa senkolo, noma umphostoli, uyilowo othunywe nguNkulunkulu, ekuthunyweni, futhi uhlala ulungile. UNkulunkulu akubusise, ngu—ngumkhuleko wami.

51 UMfowethu noDadewethu Foss usendleleni yabo eya eCuba, emasimini. Behamba besuka ezifundeni ezingamaqeqeba amakhaza zasenyakatho, kuya emenweni eshisayo yaseningizimu, ngokuba leliVangeli kumele lishunyayelwe ezweni lonke. Amen. Uguquko olunje pho!

52 Uvela kuphi, mfowethu na? [Umfowethu uthi, "Ngiya kwa-Israyeli manje, mfowethu."—Umhl.] Uya kwa-Israyeli.

53 O, ngingathanda. . .Ngibona uMabel ehleli emuva lapho. Ngizobiza umkami noMabel, ukuba baniculele:

Bavela eMpumalanga naseNtshonalanga,
Bavela emazweni akude,
Ukudla idili neNkosi, ukudla njengesimenywa saYo;
Zibusiswe kakhulu kangakanani lezizihambi!
Bebheka ubuso baYo obungcwele,
Ekukhazimuleni nokukhanya kobuNkulunkulu;
Abahlanganyeli ababusisiwe bomusa waYo,
Ukuba bakhanye njengamagugu emqheleni waYo.

54 Akuyikumangalisa ngalolosuku! Amen. INkosi ikubusise, uya kwa-Israyeli; nawe, endaweni oya kuyo; izibusiso zami kuwe mzalwane kulokhu ukusa. Amen.

55 Manje, ngaphambi kokuba sivule iBhayibheli. . .Siyazi ukuthi lena indikimba, futhi uNkulunkulu unengqikithi efundwa ivaliwe, niyabo. Ngakho-ke, singayifunda nje indikimba futhi sivumele uNkulunkulu asinikeze ingqikithi. Ngakho-ke asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, ngomkhuleko.

56 Baba wethu oseZulwini, eGameni leNkosi uJesu, siyakhuleka ukuthi Uthathe lamaZwi esizowafunda manje, bese uWabhobozela ezinhliziyweni zethu. Futhi masize ngokuthambile, buthule, ngokuzithoba, ngenhlonipho yokuzithoba, eBukhoneni baKho. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungathatha iZwi likaNkulunkulu futhi wondle yonke inhliziyo. Kufaka neyami lapho, Uzokwenza, Nkosi na? Ngokuba ngikucela eGameni likaKristu. Amen.

57 Kulungile, sizofunda nje ivesi noma amabili, lapha, ukuze sikwazi ukuthola nje isendlalelo esincane. UGenesise uyisahluko sembewu, siyazi. Kulungile. Sizoqala ngevesi 15.

> *Umuntu othile wamfumana,. . .bheka, ezulazula endle: lomuntu wambuza, wathi, Ufunani na?*
>
> *Wathi, ngifuna abafowethu: ake ungitshele, ngiyakucela,. . .balusephi.*
>
> *Wathi lomuntu—lomuntu, Basukile* lapho*; ngokuba ngabezwa bethi, Asiye eDotayini. UJosefa walandela abafowabo, wabafumana eDotayini.*
>
> *Bambona esekude, engakasondeli kubo,* ngakho. . . *lokumbulala.*
>
> *Bakhulumisana omunye nomunye, Bhekani, inyanga yamaphupho iyeza.*

58 Futhi kwangathi iNkosi ingasipha izibusiso zaYo eZwini laYo. Manje, uGenesise njalo, kimi. . .

59 Ngabe nginitshelile ukuthi leso bekuyisiphi isahluko na? NguGenesise. Ngiyakholwa, uma ngibonile, uGenesise 37, futhi ukuqala ngevesi 15, futhi kinina enikumakayo. Manje si. . . ngiyakholwa ukuthi ngithe 35, esikhashaneni esedlule. Ngibe namakhasi amabili ndawonye. Ngi—ngiyaxolisa. LeliBhayibheli elidala likaScofield, futhi kuthi ukuba nzima kimi ukufunda, ngoba sengedlule emashumini amane, uyazi. Futhi awami. . .

60 Bangitshela ukuthi ngifanele ngibe nezibuko zokufunda. Ngahamba futhi ngathola ukuhlolwa amehlo kwami, lapho ngathola ukuthi kwadingeka ngiphushele iBhayibheli lami liqhele kimi. Futhi udokotela ungitshela ukuthi ingalo yami ngeke ibe yinde ngokwanele, emuva kwesikhashana, ukuyibuyisa. Futhi ngadingeka. . .Kwathiwa ngidinga izibuko zokufunda. Ngawahlola amehlo ami, futhi bahlola ngokuphelele, ishumi-ishumi. Kepha bengingabona unwele lulele kwiphansi lendlu, ndawo ndawo lapho, kalula nje. Kodwa

lubeke eduze kwami . . . Wathi, "Lapho uthola . . ." Wathi, "Yini eyenza izinwele zakho zibe mpunga na?"

Ngathi, "Angazi."

61 Wathi, "Ubudala." Ha-ha-ha! Wathi, "Yilokho okungalungile ngamehlo omuntu lapho udlula amashumi amane. Wena, empeleni, imbulunga yeso iba buthuntu. Futhi ufanele nje u—ubambisane nakho, yilokho kuphela." Futhi nje bengilokhu ngikuhlehlisa. Futhi, awu, anginaso isikhathi sokuhamba, kodwa ngi—ngizohamba ngolunye usuku, futhi ngithole o—ezokufunda ukuba ngifunde ngazo, uma ngizofundisa okuningi. Kodwa manje ngivele ngifunde indikimba futhi ngiqhubeke. Futhi lokhu yi . . . ngibe naleliBhayibheli eminyakeni eminingi edlule, futhi ngempela, okubhalwe kwakuncane kakhulu kakhulu.

62 Manje, kuGenesise, u*Genesise* kusho "ukuqala," isahluko sembewu. Futhi khumbulani, ukuthi, yonke into ekhona namhlanje, empeleni yaqala kuGenesise. Kwakuyisiqalo sezinto zonke. Kwakuyisiqalo se—sensindiso. Kwakuyisiqalo sesono. Kwakuyisiqalo sazo zonke izinkoloze. Kwakuyisiqalo seBandla leqiniso. Kwakuyisiqalo sebandla lamanga. Kwakuyisiqalo sokulunga. Kwakuyisiqalo senkohliso. Kwakuyisiqalo sezinto zonke, zaqala kuGenesise.

63 Ngifisa sengathi ngabe cishe sibe nezinyanga ezintathu kulokhu, ukuhlala ngqo kulendaba eyodwa, futhi nje ngiyimbe, ngiyibophe ngoMoya oNgcwele, ngezintambo zikaNkulunkulu, futhi nje ngiyisongele ndawonye. Futhi bhekani ukuthi lonke iZwi lihlangana kanjani okwesisila sejuba khona lapho phakathi kanye namanye amaZwi. Into enhle kangaka pho!

64 IZwi likaNkulunkulu ligqugqumezela kakhulu! Akunandaba ukuthi uneminyaka emingakanani, yisiphi isikhathi, wonke umuntu owake wayifunda le Ndikimba, nge . . . Ibilotshiwe manje amakhulu amaningi, ya, cishe okusondele ezinkulungwaneni ezintathu, ngaphezulu, iminyaka. Futhi wonke umuntu owake wayifunda le Ndikimba, kuyo yonke iminyaka, ugqugqumezelwe yiYo, niyabo, onke amavesi omBhalo. Akukho lutho okunye okungake kuthathe indawo yaYo.

65 Umbhalo owabhalwa emuva kolunye usuku, lapho ufundelwa lowonyaka nangenhloso yawo, kuxazululiwe. Ngingakubhalela incwadi, futhi ngithi, "Mfowethu othandekayo othandiwe, namuhla ngike ngaya endaweni ethile futhi ngenze ukuthi nokuthi, ngesikhathi." Lokho kuya ngqo kuwe, nalokho kuyakuxazulula. Mhlawumbe ngobufakazi benkantolo noma okuthile, bekungalethwa ukuze kube ngubufakazi obumelene nami noma obungobami, ukungifakazelela into ethile, noma ukufakazela okuthile okumelene nami, kodwa bekungeke kube

ngumyalezo oqondile njengoba ubungaba njalo uma ubunikezwe wena.

66 Kepha iBhayibheli alinjalo. Kunikeziwe esintwini, futhi ngazo zonke izikhathi nangayo yonke iminyaka, ngoba YiZwi likaNkulunkulu elilotshiwe. Niyabo? AmaZwi aKhe awasoze ehluleka. Awasoze afa, inqobo nje uma kukhona iPhakade, kuze kube phakade, lawa asazolokhu enezincazelo ezifanayo, ngoba Ake aphuma ezindebeni zikaNkulunkulu. Niyabo? Angeke ahluleka! Vele ucabange ngalokho nje, ukuthi iZwi likaNkulunkulu liPhakade kanjani. AngukuPhila.

67 Manje, yini izwi na? Izwi ngumcabango ozwakalisiwe. Futhi uma uNkulunkulu eke wacabanga noma yini, kungumcabango nje. Kodwa uma uke wezwakaliswa, awusoze waguquka noma ushintshe. Uzofanele uhlale kuze kube phakade.

68 Isizathu, izwi lakho lihle njengoba unjalo. IZwi likaNkulunkulu lihle njengoba Enjalo. Izwi lakho liyingxenye yakho. Isithembiso sakho sihle nje njengoba ungaba njalo. Futhi isithembiso sikaNkulunkulu sihle njengoba nje Engaba njalo.

69 Manje, njengesidalwa esisazokufa, ungenza isithembiso futhi udingeke usephule, ngoba nje wena ungofayo. Mina ngingofayo nje. Kepha, uNkulunkulu, uyisidalwa esingafi, nongenasiphelo, nonamandla onke, osezindaweni zonke, Wenza isitatimende, futhi Uyasazi isiphelo kusukela ekuqaleni, futhi Angasigcina.

70 U-Abrahama wazibiza lezo zinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona, ngoba wayekholisekile ngokugcwele ukuthi, lokho uNkulunkulu ayekuthembisile, uNkulunkulu wayenamandla okukwenza, ngoba Wayengenakusenza neze isithembiso ngaphandle uma Wayazi ukuthi kwakuzoba yini.

71 Niyabona ukuthi singaphumula kanjani phezu kweZwi laKhe khona-ke na? Kungenandaba ukuthi isiphepho sivunguza kangakanani, ukuthi yini ephikisana naLo, phumula ngesizotha phezu kweZwi. UNkulunkulu waLisho, Obone enye ingxenye yesiphepho. Niyabo? Ngakho-ke, uma ugula, gxilisa nje umphefumulo wakho okwehange esiKhoselweni sokuPhumula. Uma ukhungathekile futhi ulusizi, khumbula, Wathi, "Ngiyoba nawe njalo, ngisho nasekupheleni kwezwe." Futhi Ungu . . . Wathi, "Konke kusebenzelana kube ngokuhle kwabathanda iNkosi," ngakho vele uhlale khona lapho.

72 Enye indoda yaloba, imbongi yaloba, "Ihange lami liyabambelela phakathi kweveli." Yini iveli na? Into ethile evimba lapha ukusuka Lapho. Futhi ihange lingaphakathi kweveli. Awuboni ukuthi kuzoba kanjani, kodwa uyazi ukuthi kukhona okuthile okuzokubamba, okunokubamba phezulu Lapho.

73 Futhi lapho ulwandle luvunguza futhi lunesiphepho, sewake . . . ngicabanga ukuthi mhlawumbe abanye benu abakaze

babe nenhlanhla yokubona umkhumbi ubambelele ngehange. O, he! Ngiyigibelile lapho bephosa ihange lolwandle *kanjalo*, kuze kuthi umkhumbi omncane ubungeke ukwazi ukweqa ngaphezu kwe—kwegagasi. Ubungahamba udabule igagasi. Kodwa inqobo nje uma ihange libambelele, yilokho kuphela okwenza noma yimuphi umehluko.

74 Noma ngabe sihamba phezu kwalo, ngaphansi kwalo, ngokulizungeza, noma ukudabula kulo, akunandaba; ihange liyabambelela. Yingaleyondlela lapho iziphepho zempilo ziqala ukusinyakazisa. Kungadingeka ukuba sihambe sedlule, kungadingeka sihambe ngaphezulu, ngaphansi, nxazonke, kodwa vumela nje ihange libambelele ngaphakathi kweveli, kokungabonwayo. Asazi nje ncamashi ukuthi likuphi, kodwa libambelele.

75 Njengomfana omncane nje, niyazi, wayenekhayithi. Nisizwile isaga esidala, indaba. Yathi, "Wazi kanjani ukuthi unekhayithi ekupheleni kwalapho na?"

Wathi, "Ngisayizwa idluthula."

76 Ngakho-ke, yilokho-ke. Uma singayizwa isalokhu idluthula, uNkulunkulu usebenzana nezinhliziyo zethu, khona-ke siyazi ukuthi ihange lethu lisabambelele.

77 Ngikholwa ukuthi kwakunguBenjamin Franklin owabamba umbani ebhodleleni, owabophela umbani, ugesi. Okuthile ngaphakathi kuye kwambiza, futhi kwathi, "Kukhona amandla kulokho. Lawomandla angaboshelwa." Futhi uma unamandla kangako, ukudubula imigwaqo nokuqhumisa izingodo, uqhekeze umhlabathi uvuleke ubungenzani ukuba wake waboshelwa na? Ubuyokhanyisa, futhi ubanike, futhi ushaye umhlaba wonke. Futhi Benjamin Franklin, ngiyakholwa, edoba ngekhayithi lakhe, nesikhiye siboshelwe ekupheleni komsila kwalo, nebhodlela phansi ekugcineni. Futhi lapho ekuthola, akazanga ukuthi wayenani, kodwa uqala ukumemeza, "Ngikutholile! Ngikutholile!" Wayengazi ukuthi kwakuyini; wayengazi ukuthi wayezokwenzani ngakho; kodwa wayazi ukuthi wayento ethile.

Futhi kungaleyondlela ngawo wonke umuntu, okungukuthi:

> Amathemba awakhelwe phezu kwalutho olungaphansi
> KuneGazi likaJesu elinokulunga;
> Futhi nxazonke umphefumulo wami uyadeda,
> Khona-ke Uyilo lonke ithemba nokuhlala.
> Ngimi, kuKristu, iDwala eliqinile;
> Yonke eminye imihlabathi yizihlabathi ezibishayo.

78 Uma uke wazalwa kabusha, uMoya oNgcwele uthatha indawo yaWo enhliziyweni. Abanye abantu abasha kungenzeka bangakwenzi, noma abasebasha, noma babe ngabangafundile,

akunandaba ukuthi kunjani; akekho ongakuchaza, ngakho ungazizwa kabi ngoba ungongafundile. Ubungekuchaze. Akukaze kube khona indoda namanje engake ikuchaze, akunandaba ukuthi usimati noma uhlakaniphe kangakanani. Kuyimfihlo kaNkulunkulu uQobo. Kodwa uma leloZwi lithatha ukuPhila enhliziyweni yakho, futhi uyaKubona, uyamemeza, "NginaKho!" Awazi ukuthi uzokwenzani ngaWo; awazi ukuthi Uzokwenzani ngawe; kodwa uyazi ukuthi kukhona okwenzekile, futhi unaWo.

79 Manje, ngakho-ke, eZwini! Kuhle. Manje sibhekene kulokhu ukusa, futhi sinakho phambi kwethu, phansi komcabango, ngombono wami, omunye wezindikimba ezibaluleke kakhulu zeTestamente eLidala. *UJosefa* (sizokhuluma ngakho) *Uhlangana Nabafowabo*. Kungahle kube nezindlela ezehlukene eziyikhulu uMoya oNgcwele uthola lokhu futhi ukusombulule ezinhliziyweni nasezingqondweni zethu. Ngakho-ke, ukucabanga lokhu, ngokuba nezinsuku ezimbalwa lapha, singahle sikhulume isikhashana kulokhu ukusa, ngenxa yokucinana emphinjeni, futhi khona-ke mhlawumbe sikucoshe futhi kulobubusuku uma umelusi engenalutho enhliziyweni yakhe, futhi mhlawumbe sikuqhube sedlule futhi sikuqedele ngoMsombuluko ebusuku, uma kungaba ukuthi uNkulunkulu ukuhlinzeka ngaleyondlela.

80 Manje, sonke sejwayelene kahle nezimilo zezimo zeTestamente eLidala, kanjani ukuthi, "Zonke izinto zakudala yayiyithunzi," amaHeberu 11, "isithunzi sezinto ezizayo." Kuhle kanjani lokho, ukuthi uNkulunkulu ukubikezela kanjani!

81 Futhi uma sizwa lesisithunzi, njengoba sasinjalo, siyazi ukuthi kukhona okuthize ngaphambili lapha. U . . . uNkulunkulu, emandleni onke aKhe, emqondweni waKhe omkhulu ongenasiphelo, ebona okuthize okulungiselela ukwenzeka, Angakwexwayisa ngaphambili. Angenza yonke into isebenze ndawonye, ngisho ulaka lomuntu, ukuba luMdumise, ngisho umuntu othile okuphatha kabi. Njengoba sizothola, emva kwesikhashana, uma iNkosi ivuma, ukuthi umfowabo kaJosefa wamphatha kabi, futhi Wabuyela emuva ngqo wazungeza, futhi wathatha lokho futhi wakwenza ukuthi kudumise Yena. Ngakho-ke, asinayo into okufanele sikhathazeke ngayo, akukho lutho.

82 Ukuthi kanjani uNkulunkulu, ngalowomfana, wayebikezela ukuza kweNkosi uJesu okokuqala, kanye nokuza kweNkosi uJesu okwesibili, futhi wakusebenzisa konke empilweni eyayingazi lutho ngalokho okwakwenzeka. Amen. Lokho nje akwenzi okuthile kuwe, ukubona uJosefa omncane ozihluphekelayo na? Ngani, wayengazi ukuthi kwakwenzekani, kungani zonke lezizinto kwakufanele zenzeke. Kepha konke kwakunguNkulunkulu, esebenza, ebikezela, ebikezela izinto ezazizoba khona.

83 Khona-ke ungaliqaphela iZwi, ukuthi uLithatha kanjani lapha bese uLifunda kuGenesise, uLifunde maphakathi neNcwadi, uLifunde ekugcineni kweNcwadi, futhi lonke iZwi libambisana kahle nelinye kanjalo. Futhi Lalotshwa eminyakeni eyizinkulungwane ngokwahlukana, ngamadoda angamakhulu ehlukene. Niyabo? Ngakho-ke, ngakho-ke, uyabona ukuthi konke kunguNkulunkulu. Bengazani, noma azi ukuthi iyiphi iNcwadi eyalotshwa, lutho ngaYo; ngesinye isikhathi, ngomunye unyaka.

84 Futhi singabona, namhlanje, ukuthi uNkulunkulu usebenzelana ngqo njengoba Enza emuva lapho. Manje sesiyahamba nje, siphelela onyakeni omusha, kusukela ethunzini leLidala. Nokuthi kanjani ekuqaleni, kanjani ukuthi uNkulunkulu, ngenkathi Ebone isono sizothatha ukubusa kwaso phezu komhlaba naphezu kwabantu, ukuthi uhlelo olukhulu lwaluphendukezelwe kanjani; lungonakalisiwe, lungaphindwanga ukudalwa, kodwa nje luphendukezelwe.

85 Niyabo, uSathane akakwazi ukudala. Angaphendukezela kuphela. Konke lokho okubonayo, okungalungile, lokho ukulunga kuphendukezelwe. Niyabo? Ubona umbhuli omdala phandle esitaladini, lowo nje ngabaprofethi abaphendukezelwe. Niyabo? Ubona noma yini embi, ubona indoda iphila ngokungathembeki ezifungweni zayo kumkayo, lokho ukulunga kuphendukezelelwe ebubini. Ngapha nangapha, ubona abesifazane esitaladini, beziphatha ngendlela abenza ngayo futhi beba yindlela abayiyo, lokho amanenekazi aphendukezelwe.

86 Ngedlula eLouisville, ngelinye ilanga, umkami nami, futhi ngibone isayini efasiteleni, lapho sasivela ukuyodla, ngapheshеya kuFifth Street. Futhi yayithi, "Amatafula amanenekazi."

87 Ngathi, "Abakaze babe nomthengi." Qhabo, inenekazi belingeke lingene lapho. Uma lingena lapho, alisesilo neze inenekazi. Niyabo? Ngakho-ke, abakaze babe nomthengi, ngaphansi kwaleyosayini. Amanenekazi awayi kulezozindawo. Kodwa, niyabona, ukuthi yini leyo engena lapho, yinenekazi eliphendukezelwe. Niyabo? Kulungile.

Manje, uNkulunkulu, ukwenza zonke izinto zidumise Yena!

88 Sigubha uKhisimusi, ukuzalwa kweNkosi uJesu. Okungukuthi, akusilo ngempela nje usuku lwaKhe lokuzalwa. Usuku lwaKhe lokuzalwa lwalungo-Ephreli. Isizathu, kuyabanda nje eJudiya, noma kubanda kakhudlwana ngoDisemba, kunoma kunjalo lapha. Ngakho-ke, siyakuqonda lokho. Nisibonile isithombe ngelinye ilanga, amathangi phezulu lapho phakathi eqhweni, nezinto ezinjalo, eJudiya. Ungathini nje abelusi bezimvu belele phandle egqumeni esimweni sezulu esinjalo na? Kodwa, akusilona usuku. Kodwa lona, usuku, alusho

lutho kangako, yi—yisimo sokuziphatha esinaso ngakulolosuku olubekelwe eceleni.

89 Manje qaphelani. Ngokushesha lapho uNkulunkulu esebone inzalo yowesifazane, futhi ukuthi base bekuhlanekezele kanjani lapho nokulunga kwakuphendukezelwe, uNkulunkulu wanikeza isithembiso sokuthi ngalowo wesifazane kwakuzofika iNzalo ebusisiwe. Niyakuthola na? Kuyoba khona iNzalo.

90 Futhi kwathi nje uSathane engezwa lokho, owayemi ekhona, kwathi nje engakuzwa, wangena ukubhubhisa leyoNzalo. Futhi wazama ukukwenza kuJosefa. Wazama kuwo wonke unyaka. Futhi usamelene naleyoNzalo ebusisiwe. Amen.

91 Ngifuna nifake amakepisi enu okucabanga ajulile, okomzuzu nje manje. Njengoba, nifaka isigqoko sesivikelo sensindiso, futhi nilalelisise manje. Nansi into ebaluleke ngempela. Futhi ningahle niphikisane nayo; kulungile. Kodwa, niqaphelile, kwathi nje . . .

92 Kwase kuvele kube khona u—umcabango, ngoba u-Eva wayesevele ehlale ngokungalungile futhi wayesenze isono. Kwavelaphi lokho na? Lokho kukuGenesise. Abantu namhlanje bazama ukuthola isihlanganiso esilahlekile phakathi kwesilwane nomuntu. Lesi yisambulo. IBhayibheli lasho, ukuthi, "Inyoka enobuqili yakhohlisa owesifazane."

93 Namhlanje, umuntu angakhuphula impilo yesilwane, nesilwane esiseduzane kunazo zonke abanaso esidalweni esingumuntu inkawu enkulu ishimpanzi. Bangayibhemisa inqawe, igibela ibhayisikili, ifake isigqoko, isiqethule. Lokho nje kufana no "ji" no "ho" ehhashini. Umsindo. Alinamphefumulo. Alikwazi ukucabanga. Lingahamba ngomsindo kuphela. Alinamphefumulo. Khona-ke bathole isihlanganiso esilahlekile, khona phakathi kwalapha, ukuthi abakaze neze bakwazi ukukuthola. Futhi iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha sebezame ukuthola ukuvunguza okukodwa kweshimpanzi, futhi abakwazi ukukwenza. Abasoze bakwazi. Kodwa, siyazi ukuthi siyimpilo yesilwane. Siyimpilo yesitshalo, esiphuma emhlabeni.

94 Njengoba ngangisho ngelinye ilanga, emngcwabeni kadadewethu othandekayo. Siyisigejane sezakhimzimba eziyishumi nesithupha zomhlaba, ikhosmik layithi ukukhanya kwezulu nomhlaba, namapetroliyamu uketshezi olusamafutha kapetroli, nezinto zibekwe ndawonye. Sasilapha ngenkathi uNkulunkulu ekhuluma futhi wathi, "Makube khona." Imizimba yethu yabakhona. Kodwa, Okuthile, uNgqondongqondo wasikhulisa kulokho esiyikho manje. Wasenza izandla nezingalo, nokunye nokunye, hhayi ukusibhubhisa, kodwa ukuze siphile phakade. Isono senze ukubhubhisa. Futhi loWo Owasenzayo, ngaphandle kwethu singenayimuphi—nayimuphi umqondo wokuba sike sibe lapha, Lowo owasenza futhi wahlanganisa lezizinto ndawonye futhi wasenza saba

yilokho esiyikho manje; Angekwazi yini kakhulu, ngokusinika ukuzikhethela ukukwemukela, futhi ngeZwi elifanayo elasidalayo, wasithembisa ukuthi Uzosivusa futhi. Kakhulu kangakanani yonke lepetroliyamu izohlangana ndawonye, nama-athomu, nokunye nokunye, e . . . ngeZwi likaNkulunkulu!

95 Manje, ekuqaleni, ngenkathi uNkulunkulu ekhuluma, noSathane wayemi lapho futhi wakuzwa.

96 Futhi abantu bazama ukuthola lesisihlanganiso esilahlekile. Ngizonitshela, ngesambulo, uma nifuna ukusemukela. Lowomuntu olahlekile, phakathi kwesilwane nomuntu, yinyoka, ngaphambi kokuba imilenze yayo isuswe kuyo. IBhayibheli lathi, "Wayenobuqili kunazo zonke izilwane," hhayi isilwane esihuquzelayo, "zonke sasendle." Nguye owakhohlisa owesifazane, ebuhleni bakhe, futhi wakhulelwa. Futhi manje, ngokwenza lokho, nokubona ukuthi isono sasiza, uNkulunkulu wabeka isiqalekiso esinjalo phezu kwakhe kwaze kwathi isayensi ayisoze yathola noma yibuphi ubudlelwane phakathi kwalenyoka, njengoba kwaziwa namhlanje, nesintu. Kodwa nakho ukuwa kwakho, isidalwa esilahlekelwe isithunzi, phakathi, esixhume impilo yesilwane ndawonye. Nakho lapho okhona.

97 "UNkulunkulu ukufihlile kwabahlakaniphileyo nabanokuqonda, kepha uzokwembulela izingane zona eziyofunda." Niyabo?

98 Nango umuntu wakho owile, inyoka enobuqili. Walethwa esuka endleleni . . . enobuqili kakhulu, enkulu kunabo bonke, omuhle kakhulu, efana kakhulu nesidalwa esingumuntu. Futhi khona-ke ngenxa yalobububi eyabenza no-Eva, Wayehlisela phansi esilwaneni esihuquzelayo, "Ukuba ihambe ngesisu sayo, zonke izinsuku zokuphila kwayo, nothuli luyofanele lube ukudla kwayo." Yilapho isayensi ingafika khona lapho, nesihlahla sabo sidilizelwe phansi.

99 Qaphelani, manje, kwathi nje owesifazane angabona ukuthi u . . . i . . . Manje, wakhohliswa. Akasilethanga isono. Wakhohliswa. Wacabanga ukuthi kwakulungile. Kepha, "U-Adamu akakhohliswanga," kwasho iBhayibheli. Wayazi ukuthi kwakungalungile, futhi owesifazane wamenza ukuba enze into efanayo isilwane esasiyenzile.

100 Futhi wazala indodana yakhe yokuqala, okungukuthi, lonke ukhondolo lukadeveli lwalukulowo mfana. Wayengumbulali. Wayenomona. Kwakungenzeka kanjani ukuthi kwakuvela kulowomfudlana ohlanzekile kaNkulunkulu na? Kwakufanele kuqhamuke komubi. Futhi kwathi nje engenza lokhu, khona-ke yena, udeveli, wasebenzisa ithuluzi lakhe.

101 Wazala indodana yakhe yesibili, okwakungemva kuka-Adamu, futhi phakathi lapho kwakungu-Abela. Futhi, masinyane, udeveli wazama ukubhubhisa leyonzalo elungileyo.

Futhi waphenduka futhi wabulala u-Abela, ukuqala nje; okungumfanekiso kaJudasi noJesu. Wambulala e-altare; lapho, uJesu, uJudasi wabulala—wabulala uJesu, waMkhaphela ngezinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu futhi waMthengisa. Kulungile.

102 Kodwa, qaphelani. Ngenkathi enze lokho, khona-ke uNkulunkulu, umfanekiso kaKristu, kokubili ukufa nokuvuka, Wavusa uSeti ukuthatha indawo yakhe. Niyabo? Futhi udeveli walandela uSeti.

103 Manje bhekisisani. Ngokulinganisene, ngaphambi kokubhujiswa komhlaba ngozamcolo, kwakukhona uzalo olude lwamadoda ehla adabula emadodaneni kaKayini, ukusuka ezweni lakwaNodi, futhi babengososayensi, besmati, behlakaniphile, amadoda amangalisayo. Baqinisa ngisho okusansimbi. Bakha amakhaya. Babeyimpucuko emangalisayo. IBhayibheli liyaqhubeka futhi lasho ukuthi basebenze kanjani ngethusi, basebenza kanjani ngokusansimbi.

Kodwa, leli elinye iqembu lalingabazulazulayo.

104 Kodwa, omabili amaqembu ayekholwa. UKayini wayekholwa. U-Abela wayekholwa. Futhi uNkulunkulu wadweba umugqa, owawulungile. UKayini wayekholwa nje njengo-Abela. Bobabili bakha ama-altare. Bobabili babekholelwa kuNkulunkulu. Bobabili bakhonza uNkulunkulu. Bobabili baletha izipho.

105 Manje bhekisisani lezozinzalo zombili. Eyokuqala, ilwa; ububi buzama ukubhubhisa iNzalo elungileyo. Futhi wazama ukubhubhisa u-Abela; wakwenza, kepha uNkulunkulu wavusa uSeti ukuba athathe indawo yakhe. Wacabanga ukuthi wayenoJesu khona lapho. Bukani phansi nedlule onyakeni, yonke indawo. Yena, yonke indawo afika kuyo, wavalela leyoNzalo. Lapho ebulala eyodwa, noma enye, wayecabanga ukuthi wayenaLeyo. Futhi, ekugcineni, wa—walandela uJohane uMbhaphathizi, ekugcineni wanquma ikhanda lakhe. Wayecabanga ukuthi wayeMtholile ngaleyonkathi, kodwa wathola ukuthi Wayengapha kuJesu. Wabulala zonke izingane. Futhi, uMose; wazama ukubulala uMose. Wazama yonke indlela ayengayenza ukubhubhisa leyoNzalo, futhi lapho ebulale uKristu eKalvari; kodwa uNkulunkulu waphinda waMvusa, ngosuku lwesithathu, futhi khona-ke Wathumela uMoya oNgcwele emuva ukubiza amadodana namadodakazi kuNkulunkulu. Futhi lobobubi obufanayo, inzalo ekholwayo ihlupha leyoNzalo elungileyo namanje namhlanje. Niyakubona na? Bazama ukubhubhisa leloGatsha elilungileyo likaNkulunkulu.

106 Manje, izinhlangothi zombili, uma niqaphela, kwaqala kuGenesise, ukukholwa ezinhlangothi zombili. Olunye lwazo,

olwehlelo, olukhukhumele. Futhi olunye, oluzithobile, luhamba ngoMoya, ngesambulo.

107 U-Abela wayeyoke akwazi kanjani ukuthi kwakuyiwundlu esikhundleni sezithelo zasensimini na? Ngoba kwembulwa kuye, ngesambulo sobuNkulunkulu.

108 UJesu washo okufanayo, ngenkathi uPetru eMvuma ukuba uyiNdodana kaNkulunkulu. Wathi, "Inyama negazi akukwembulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele lokhu. Phezu kwalelidwala . . ." Idwala, hhayi uPetru, hhayi uJesu, kodwa esambulweni sobuNkulunkulu. "Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango esihogo awayikuLahlula." Niyakuthola na? Yisambulo sobuNkulunkulu.

109 Manje bhekisisani. Yonke imizamo, yesikhathi, lapho, bahlangana ubuso nobuso futhi bakulwela. Bukani ngenkathi uMowabi wayephezulu egqumeni, no-Israyeli wayesesigodini. Futhi u-Israyeli ecela kuphela njengomfowabo, umnumzane ohloniphekile, ukwedlula ezweni labo, beya ezweni lesethembiso lelo uNkulunkulu ayebathembise lona; bacela kuphela imvuselelo encane ebandleni labo, njengoba kwakunjalo. Ukwedlula nje ezweni, futhi bethembisa ukuthi babezokhokhela ngisho utshani izinkomo ezazibukhothile. Futhi babezohamba ngomgwaqo omkhulu wenkosi, nezinto ababezozenza lapho bedlula emazweni, futhi babezokulungisa. Kodwa, umona . . .

110 Manje, uMowabi, izwe lakwaMowabi lalingesiye ongakholwayo. Babekholelwa kuNkulunkulu ofanayo u-Israyeli ayekholelwa kuye, ngokuba babengamadodana amadodakazi kaLoti; indodakazi kaLoti eyakhulelwa ngenkathi uLoti wayedakiwe, nguyise uqobo. Futhi bawela, futhi ba . . . Yilapho abakwaMowabi bevela khona.

111 Futhi ngenkathi umprofethi wabo ephuma, uthisha wabo, esanganiswe yimali, futhi umisa ama-altare, ama-altare ayisikhombisa, inani elifanayo impela lama-altare lalidingeka phansi lapha. Nangu uMowabi ehleli lapha, izwe lehlelo elikahle elikhulu, lonke lilungisiwe futhi lalinganiswa.

112 Futhi lapha kwakungu-Israyeli, umgingqiki ongcwele omdadlana ezulazula emathendeni, ukusuka endaweni eya endaweni. Wena uthi, "Umgingqiki ongcwele"? Babenguye impela, uma ba—bayilokho abakubizayo, namhlanje, umgingqiki ongcwele.

113 Lapho bewele uLwandle oluBomvu, futhi uNkulunkulu wenza isimangaliso phambi kwabo, uMiriyamu wabamba isigujana ithamborini futhi waqala ukushaya ithamborini, futhi egijima ehla ngosebe, ememeza futhi egxuma, futhi esina eMoyeni. Futhi amadodakazi akwa-Israyeli emlandela, egxuma, ememeza, esina eMoyeni. Futhi uMose wema ephakamisele izandla zakhe phezulu, mhlawumpe ecula ngolwimi okungekho

muntu owake waluzwa ngaphambilini, iculo okungekho muntu ongake aliqonde. Waculela iNkosi, eMoyeni. Uma lokho kungesibo abagingqiki abangcwele besimodeni, angazi ukuthi babhekwe kuphi. Babenezibonakaliso nezimangaliso zinabo.

114 Manje, uma uNkulunkulu ehlonipha kuphela okuqavile, bukani lapha. UMowabi, ukukhuluma ngokoMbhalo, wayeqavile nje njengoba no-Israyeli wayenjalo. Wayenakho konke u-Israyeli ayenakho. Wayenama-altare ayisikhombisa. Yilokho uNkulunkulu ayekufunile; u-Israyeli wayenama-altare ayisikhombisa. Wayenemihlatshelo eyisikhombisa ehlanzekile. U-Israyeli wayenemihlatshelo eyisikhombisa ehlanzekile. Nango uKayini no-Abela, futhi. Niyabo? Kulungile. Wanikela ngezinkabi eziyisikhombisa. Wanikela ngezinkabi eziyisikhombisa. Wanikela ngezinqama eziyisikhombisa, ekhuluma ukuthi. . . wayekholwa ukuthi uKristu wayezofika. Wanikela ngezinqama eziyisikhombisa, into efanayo. Ngokuqavile nje njengoba okuqavile kungaba njalo!

115 UKayini wakha i-altare; u-Abela wakha i-altare. UKayini wanikela ngomhlatshelo; u-Abela wanikela ngomhlatshelo. U-Abela wakhonza; UKayini wakhonza. Kodwa, uNkulunkulu waqinisekisa, wafakazisa ukuthi u-Abela wayengukukhetha kwaKhe.

116 UNkulunkulu wafakazisa lapha ukuthi u-Israyeli wayengukukhetha kwaKhe, ngokuba u-Israyeli wayenokungaphezu kwemvelo ekamu labo. Nakuba, nawo wonke amaphutha abo, babeneNsika yoMlilo ibalandela. Babenokubuyisana ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, futhi benza ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu; inyoka. Babenetshe elishayiwe. Babenezibonakaliso nezimangaliso ekamu.

117 Ngenkathi uJohane efika, wayengaphezu kwemvelo. Ngenkathi uJesu efika, kwakungokungaphezu kwemvelo. Futhi isitha, ohlangothini oluqavile, njalo luhlupha okungaphezu kwemvelo.

118 Niyabona ukuthi uzama ukwenzani namhlanje na? Into efanayo, "Yesula ukuphulukusa ngokukaNkulunkulu! Yesula lababantu! Akukho lutho kubo!" Izikhulu, abantu abakhulu! "Besuleni!" Mfowethu, akulutho kepha yilowomvini, usontekile kuGenesise, ungena eSambulweni.

119 Ngithatha uhlangothi lwami nabagingqiki abangcwele! . . .?. . . Makube yinoma yini. . . Angikaze ngimbone umgingqiki ongcwele. Yigama udeveli alibeka phezu kweBandla kaNkulunkulu, lapho lingesilo elalapho. Abasibo abagingqiki abangcwele. Bangamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, engaqondwa ngokuyikho umhlaba.

120 Manje, uJosefa wazalwa nguyise, futhi wayethandwa nguyise, futhi wazondwa ngabafowabo. Manje qaphelani, isithombe esiphelele seNkosi uJesu. Ngifuna niqaphele ukuthi

impilo yaKhe yafanekiswa kanjani, eTestamenteni eLidala, yonke into ifanekisiwe manje. Bhekani emuva lapho futhi nibuke isithombe; naso isithunzi, futhi niyabona ukuthi kuyini okwangempela. Manje qaphelani, uJosefa, engumfanekiso kaKristu, umfanekiso weBandla, umfanekiso kaMoya oNgcwele. Umfanekiso . . . Wayeyinkosana yempumelelo, njengoba nje uKristu eyiyo, njengeBandla nje namhlanje.

121 Qaphelani, futhi, ukuthi, ngenkathi ezalwa, uyise wamthanda futhi wamenzela ibhantshi elinemibala eminingi. Manje, kunemibala ephelele eyisikhombisa kuphela kuyo yonke imibala. Yonke eminye yenziwe isuselwa kulemibala. Futhi ibhatshi mhlawumpe lalinemibala kulo, lemibala ehlukene eyisikhombisa, imisho yemibala, ebhantshini uyise alenza. Uma uqaphela, mhlawumbe uJakobe akakuqondanga lokho ngalesosikhathi, kodwa lokho kwakukhombisa "OThenjisiweyo." Ngenkathi uNkulunkulu enikeze uNowa isibonakaliso sothingo lwenkosikazi, imibala eyisikhombisa, kwakuyisithembiso, noma OyisiVumelwano. UNkulunkulu wayenze isivumelwano sokuthi Akasayikuphinda abhubhise izwe ngamanzi.

122 Futhi isivumelwano sikaNkulunkulu saweliselwa futhi sedlula kuJakobe, kuJosefa. U-Abrahama wayengokhetho, futhi u-Isaka wayengokulungisiswa, futhi u-Israyeli kwakuwumusa, futhi uJosefa wayengukuphelela. Yilowo kuphela owayenemibala.

123 Sibona uJesu ehleli esiHlalweni sobukhosi, nemibala, uthingo lwenkosikazi luMzungezile, eSambulweni 1. Kwakuyisivumelwano sikaNkulunkulu kanye nabantu. UKristu . . . Nakhu. O, ngifuna kanjani nikubone! UKristu uyisivumelwano sikaNkulunkulu kanye nabantu baKhe. Hhayi amahlelo; kepha uKristu uyisivumelwano sikaNkulunkulu.

124 Njengoba uJosefa wayezondwa, kanjalo uKristu uyazondwa namhlanje. Abafuni ukuthi bayamzonda uKristu, kepha imisebenzi yabo iyakufakazisa abakwenzayo. Bamelene nawo wonke umnyakazo waKhe; ukukhuluma ngesenzo saKhe, imisebenzi yaKhe, ukwenza kwaKhe okumangalisayo. Awu, impela, sinoSathane ekamu, futhi, elokhu elwa. Impela. Futhi bazokhomba amazwi kaSathane. Kepha, angikhathali ukuthi uSathane wenzani uku—ukuzama ukudida. IZwi likaNkulunkulu limile liphelele, futhi isithembiso saKhe siphelele. Angisoze ngafuna ukuchema naleloqembu.

125 Qaphelani, nango Wayelapho, isiVumelwano. "UKristu wayebukeka njengetshe lejaspi nesardiyu," eSambulweni. Yilokho itshele lesifuba . . . itshe lokuzalwa, njalo, kusukela kuRubeni kuya kuBenjamini. Lokho kwakungukubonakalisa kwesardiyu nejaspi, njengoba babebonise kanye kanye ngaphansi kokuKhanya kukaNkulunkulu, kwenza

isivumelwano ngokuzungeza uKristu, uthingo lwenkosikazi. Futhi kukhuluma ngani na? URubeni, omdala kunabo bonke; uBenjamini, omncane kunabo bonke! Kusukela kowokuqala kuye kowokugcina, "Wayenguye Owayekhona, Okhona, NozaYo; iMpande, iNzalo kaDavide. UyiNkanyezi yoKusa. Usuka ku-A kuya ku-Z; u-Alfa, u-Omega; ukubonisa kukaNkulunkulu kusukela ekuqaleni kwesikhathi kuye ekupheleni kwesikhathi. Nango, isivumelwano sikaNkulunkulu kanye nabantu baKhe.

126 Futhi zonke lezi ezinye izinto, uJosefa, uDavide, bonke abaprofethi, wayengukubonisa nje. Amen. Ebonisa, kusukela eNzalweni yeqiniso ukusuka ensimini yase-Edene, kuze kube yisikhathi lapho Ezofika okwesibili, eNkazimulweni, ukwemukela abantu baKhe neBandla laKhe. Nakho-ke, kuhle ukukubuka.

127 UJosefa, abafowabo babengabazidlayo ngaye. "Babemzonda, ngaphandle kwesizathu," ngoba wayephefumulelwe ngokungaphezulu kwemvelo. Niyakuthola na? UKayini wayemzonda u-Abela, ngaphandle kwesizathu, ngoba wayephefumulelwe ngokungaphezu kwemvelo. UMowabi wayezonda u-Israyeli, ngaphandle kwesizathu, ngoba babenokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, izibonakaliso, izimanga, nezimangaliso. Wayemzonda, ngaphandle kwesizathu, futhi wayengenakuvumela edlule . . .

128 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ukuba abe nomkafowenu. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini.]

129 Manje, bangane bami abathandekayo, ngifuna ukuletha okuthile enkumbulweni yenu, futhi ngifuna ukukubeka phansi ngaphansi kobambo lwesihlanu ngakwesobunxele, ethendeni lalelo kamelwana elibizwa ngenhliziyo.

130 Akukaze, kunoma yimuphi unyaka noma ngasiphi isikhathi, ukuthi uNkulunkulu wake waphefumulela indoda, eyake yahamba ngasohlangothini lokukholwa, okubizwa ngabantu abakholwayo bezwe. Akakaze aqhubeke namahlelo. Njalo, wayemelene, futhi emelene namahlelo osuku, futhi emelene nomyalo wokukholwa wosuku. Ngikhombise umprofethi oyedwa, ngikhombise isikhathi esisodwa eBhayibhelini, ukuthi noma yimuphi umuntu kaNkulunkulu wake wabambisana nokubizwa ngeminyakazo yokukholwa yosuku lwakhe. Amen.

131 Ngisho u-Eliya, emuva kokwakha isikole sabaprofethi, ngani, ngenkathi enyukela lapho, babefuna ukuba ahambe. Wathi, "Kuqotho kakhulu lapha." Uyabo? U-Ahabi nabaholi abakholwayo bosuku lwakhe; u-Eliya wazehlukanisa, ukuya eNtabeni iKarmeli.

132 Bhekisani uJohane uMbhaphathizi, uyazehlukanisa, akakaze ngisho aye esikoleni sabo, ukuba ayofunda isayense yabo yezenkolo. Kodwa, uNkulunkulu wamthumela ehlane, ukumlungiselela umsebenzi.

133 Ingubo kaKayini ayikaze ikwazi ukugqokisa indoda kaNkulunkulu ijakhethe yabo yobufundisi. Angeke yenele. Kunjalo. Qaphelani, kuyo yonke iminyaka.

134 Futhi ngenkathi uJesu efika, Akazange abonisane nanoma yimuphi wososayense bezenkolo, kodwa wababiza ngokuthi, "Isigejane sezinyoka, noma izinyoka otshanini."

135 Abafundi abakaze babambisane nanoma yiliphi lamahlelo abo. Babengasohlangothini luka-Abela.

136 UJosefa akakaze abambisane nabo. Wazondwa futhi wenqatshwa, ngenhloso efanayo lokho bonke ayeyikho. Ngoba, uNkulunkulu wayenaye ngendlela engaphezulu kwemvelo, nangendlela ehlukile kunaleyo Ayeyiyo nabo bonke. Futhi bamzonda, ngaphandle kwesizathu. UKayini wazonda u-Abela, ngaphandle kwesizathu. Abafowabo bamzonda uJosefa, ngaphandle kwesizathu.

137 Futhi, namhlanje, izwe lehlelo, kungenandaba ukuthi likhulu kangakanani; ngethula isigqoko sami, bese ngithi, "Ngibonga uNkulunkulu ngabo." Kodwa, kuzo zonke izimfundiso zabo ezinkulu, amabandla abo amakhulu, izinto ezinkulu; namanje, kukho konke, uNkulunkulu ubizela ngaphandle abantu abangenakuhlanganisa lutho ngakho, ngoba ngeke babambisane nokungaphezu kwemvelo. Kukhona umnyakazo oqhubekayo, namhlanje; futhi bayawuzonda lowomnyakazo, ngaphandle kwesizathu.

138 Ngezwa indoda isho ngelinye ilanga, lokho kwacishe kwaphendula igazi lami laba amanzi, ukuzwa indoda inokuthonya, umshumayeli omkhulu weBaptisti.

139 Futhi wayekhuluma ngokuthi, ukuthi, kwakungesikho ngokoMbhalo ukuba noma ubani akhonze intombi uMariya. Kuyiqiniso kanjani pho lokho! Kunjalo. Wathi kwakungekho Mbhalo, ukukhonza noma ngubani ngaphandle kukaKristu. Kunjalo. Wathi, "UNkulunkulu wayekuKristu, futhi kuYe kwakungukugcwala kobuNkulunkulu." Kunjalo.

140 Futhi khona-ke, emuva kwakho konke lokho okuhle, ukufundisa okumangalisayo koMbhalo, uyajika ubuyela emuva futhi wathi, "Akukaze kwenziwe isimangaliso ezweni." Ngoba umelene kanzima kakhulu nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, waphenduka wayesethi, "Akukaze kube nesimangaliso esenziwa emva kokufa kukaKristu. Akekho owake wavusa abafileyo, emva kukaKristu, ngoba kwakunguYe OwayenokuPhila okuPhakade."

141 Kepha, ngithi kini, ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, watshela abafundi baKhe ukuba, "Hambani nishumayele iVangeli; niphulukise abagulayo; futhi nivuse abafileyo; futhi nihlanze abanochoko." Yilokho uJesu akutshela abafundi baKhe.

142 Amadoda abangaba kanjani ngabaphuphutheke ngokukholwa kakhulu na? Sebeba ngabanengqondo encane ngenxa yezithiyo zehlelo futhi bazonda abazalwane bawo, ngaphandle kwesizathu. Niyakubona na? Kunciphe kakhulu, kuncane kakhulu, ayakwenza ngenxa yesithunzi sawo.

143 Umfundisi omkhulu ezweni namuhla, wabuzwa ukuthi kungani engawemukeli umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, emva kokuba wethulwe ngamanye amadoda okuma kwakhe, ayemukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Wathi, "Bekungalimaza inkonzo yami." Uma ungitshela, noma ngasiphi isikhathi . . .

144 Kungahle kuyilimaze inkonzo yomuntu ngamunye, kodwa akusoze kuyilimaze inkonzo kaJesu Kristu okumele iqhubeke. Kuzoqhubela phambili imbangela yenkonzo kaJesu Kristu.

145 Kodwa lo Mnu. Dokotela washo ukuthi akukaze kube nomuntu owavuswa ekufeni. Wathi, "Ngiyazi kunesigejane sabagingqiki abangcwele ezweni namhlanje, abazisho ukuthi babone abafileyo bevuswa. Kodwa," wathi, "a! Abukaze bubekhona ubufakazi besayensi banoma yikuphi ukuphulukisa noma yini enye."

146 Manje, niyabo, nakhu, mfowethu nodadewethu. Ngifuna niqaphele lokhu ngokusondele impela. Isizathu kunje, yilesi. Namhlanje, amadoda . . .

147 Ezinsukwini zeNkosi uJesu, ezinsukwini zamaTestamente, lapho abantu babekholwa uNkulunkulu, bezwa ngesimangaliso esenziwa, abakaze bezame ukukufakazisa ngesayensi. Bakwemukela. Bavele bakukholwa nje, ngoba babazi ukuthi uNkulunkulu wayekhona.

148 Kodwa, namhlanje, iqembu elingathembekile selingene eminyakazweni yokukholwa, futhi uzama kakhulu ukufakazisa izinto ngokwesayensi.

149 Futhi ake ngisho lokhu, njengoba kuphuma eZulwini, ngiyakholwa, enhliziyweni yami. Akukaze kube nesikhathi lapho kwakungafakaziswa. Ngoba, uma ubungafakazisa uNkulunkulu, khona-ke Akasemukelwa ngokukholwa; kungubufakazi. Siyamkholwa uNkulunkulu nezimangaliso zaKhe, ngokukholwa. Sibiza lezozinto ezingekho, ngokungathi zazikhona, ngoba uNkulunkulu washo njalo; kungenandaba ukuthi kuyini.

150 U-Abrahama wayengenakufakazisa ukuthi imithambo yobisi kaSara yayingomile. Wayengenakufakazaisa ukuthi—ukuthi amashubhu, nokunye nokunye, engakhuleliswa. Bona, wayenga . . . Babengenakufakazisa lutho okwalokhu. Babengenakufakazisa mhlawumbe, ngokuhlola inzalo, ukuthi babezala. Kodwa wakukholwa, noma kanjani, futhi wenqaba noma yini eyayiphambene nakho, futhi wabiza lezozinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona. Ngoba, ngaphakathi

kweveli, ithemba likaNkulunkulu laliphumule eZwini likaNkulunkulu, futhi wabiza lezozinto, zesayensi noma qhabo, "Iqiniso, ngoba uNkulunkulu washo njalo." Nakho lapho okhona.

151 Siyakholwa. Ngokukholwa siyakwemukela. Kodwa, uma umfowethu, ngingaphikisani naye, angikholelwa kulokho. Kodwa ukuba umfowethu wayefunde kuphela ukuthi uPawulu wakhandwa ngamatshe kanjani waze wafa, nabangcwele bama ngakuye futhi bakhuleka kwaze ukuphila kwabuya kuye. Ukuthi uPawulu washumayela kanjani ubusuku bonke, ngobunye ubusuku, futhi indoda yawa endaweni engaphansi kophahla phezulu futhi yafa, insizwa; futhi uPawulu wabeka umzimba wakhe phezu kwayo, futhi uMoya wokuphila ubuyela kuyo futhi. Ukuthi uEliya wayivusa kanjani ingane yowesifazane emva kokuba yayisifile, ngisho eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili ngaphambi kokuFika kukaKristu. Amadoda, engenaso ngisho isibusiso sikaMoya oNgcwele, enze izimangaliso lababafo abesaba ukuzihlasela ngoMoya oNgcwele. He, he! Kudabukisa kanjani!

152 Ngani? Yingoba bangabazidlayo, futhi bazonda abafowabo, ngaphandle kwesizathu; njengoba nje uJosefa azondwa, ngaphandle kwesizathu. Niyakubona na? Wazondwa. Hhayi ngoba kungukuthi wayefanelwe ukuzondwa; ngenxa, ngaphandle kwesizathu. Abazange bamkholwe. Wayehlala ezingeni elehlukile.

153 Futhi ngisho lokhu, manje, njengoba isikhathi sethu siyancipha. Ngisho lokhu ngalo lonke iqiniso lenhliziyo. Bayalizonda iBandla, namhlanje, elinokungaphezu kwemvelo. Ngumona. Ngumona omncane, futhi ukhona phakathi kwezidalwa ezingabantu.

154 Abafundi babenawo. Babenamahloni kakhulu ngabo! Ngoba, ezinsukwini eziyishumi ngaphambili, uNkulunkulu wabanika amandla okuphulukisa abagulayo, nokukhipha amademoni, nokuvusa abafileyo. Futhi babenomfana owayenesithuthwane phambi kwabo, futhi babehlulekile. Futhi uJesu, ngenkathi Ehla entabeni, futhi waphulukisa umfana. Futhi baMbuza, "Kungani singakwazi na?" Akazange athi, "Nga—Ngabuyisela aMandla ami emuva." Wathi, "Ngininika aMandla." Ngiyanikhombisa lapho AWanika khona iBandla, kodwa angeke ningikhombise lapho Ake aWabuyisela emuva. Niyabo? UJesu wawabeka phezu kwani amaZwi aKhe anesizotha na? "Ngenxa yokungakholwa kwenu."

155 Futhi khona-ke, ezinsukwini ezimbalwa kamuva, bathola umuntu owayengekho ezingeni labo lobufundisi. Wayemzwile uJesu ememezela lezizinto, futhi wayenze umsebenzi. Wayekhipha amademoni. Futhi uPetru noJohane bayafika bamtshela ukuthi ufanele abe ngoweqembu labo noma

ubengekwenze lokhu. “Uzofanela ulandele thina futhi uxhumane nathi. Siyibandla, futhi uzodingeka ukwenze!” Ubazisa ukuthi abanake izindaba zabo. Wayeqhubeka kahle ngaphandle kokujoyina inhlangano yabo.

156 Okanjalo, njengomncane, osasitabane omncanyana, njengoba sinabo namuhla; omncane, osemusha, imibono yabantwana, begijima bebuyela emuva futhi bathi, “Simtholile, futhi ubekhipha amademoni.” Futhi kwakuyini na? Babenomona ngoba wayenza ababengenakukwenza. Babekade benokwenyama. Amehlo abo, okuqonda kwabo, kwakunjengabafowabo bakaJosefa, babengakakhanyiswa nokho, ngakho bayabuya futhi bancetheza kuye, futhi batshela uJesu.

157 Futhi uJesu wathi, “Myekeni.” Amen. “Wenza umsebenzi omuhle. Wenza lokho Enginiyale ukuba nikwenze, futhi niyehluleka ukukwenza.” “UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe.”

158 Ngakho-ke manje, bazalwane bami abathandekayo maMethodisti neBaptisti nePresbyterian, ngoba nicabanga ukuthi kuzofanele kufike ngebandla lenu, uNkulunkulu angamvusela u-Abrahama amatshe kulaba bagingqiki abangcwele. Kunjalo. Uzoba nomuntu othize ozokwenza umsebenzi waKhe. Kunjalo. Nakho konke ukwehluleka kwabo neziphambeko futhi noma yini okunye, benza, kanjalo no-Israyeli wenza into efanayo, kodwa leyoNzalo elungile iyaqhubeka.

159 Ngijabule kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo. Ngomusa kaNkulunkulu, namuhla, singabanye balabo. Ngijabule kakhulu ngakho. Anijabule na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Inhliziyo yami iyathokoza, ekuqaleni kwalonyaka omusha, ukwazi ukuthi uNkulunkulu, ngomusa waKhe omangalisayo, ufake igama lami eNcwadini yokuPhila, ukunginika ukuqonda ukuthi ngihlanganiswe phakathi kwabantu baKhe abangabalahlwa. Futhi, kanye nabafundi, ngingahle ngisho lokhu, ngikubala njengenhlanhla ukuthwala ihlazo leGama laKhe. Yebo, mnumzane. Ngijabule kakhulu ukuthi ngingomunye wabo.

160 Futhi manje siqala lapha ngoJosefa, enkonzweni elandelayo, engahle ibe kulobubusuku noma ngoMsombuluko ebusuku, eyodwa, ngoba isikhathi sethu sesiphelile.

161 Kodwa, ngiyaMthanda. AniMthandi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uyamangalisa. Futhi ngiyajabula kakhulu namhlanje ukuthi ngingajoyina izandla naleyontambo ende edeleliwe futhi yenqatshwa, futhi yazondwa ngabefundisi basesontweni ezansi ezweni. Nampa. Baphansi. Kunjalo. Abefundisi, bekhuluma ngezwe, ngemfundo, futhi bekhuluma ngenhlaliswano, bangaphezu kwabo. Futhi siyajabula ukuba

ngabazithobile. Ngoba, labo abayozithoba, uNkulunkulu ngelinye ilanga uzofika ngokwesibili, eNkazimulweni, ukuzophakamisa iBandla laKhe. Kuze kube ngaleyonkathi, "Asiqinise sikulwele ukuKholwa abakunikwa abangcwele."

Asikhuleke.

162 Manje namakhanda ethu ekhotheme, angazi nje uma bekungaba khona kulokhu ukusa, noma abaningi, ngiyethemba, ongakaze okwamanje emukele loKristu, nezibusiso zaKhe ezinkulu namandla aKhe amakhulu. Futhi siyamangala, namhlanje, uma ubungenza ukukhetha kwakho namhlanje, futhi uthi, "Nkosi Jesu, yimina. Futhi ngifisa ukuba yinceku yaKho, ngenhliziyo yami yonke, ukuthatha indlela nabambalwa abadelelekile beNkosi. Ngiyabona manje, Nkosi, akusikho lokho izwe elikhuluma ngakho; yilokho iBhayibheli laKho elikhuluma ngakho. Akusikho lokho izwe elingibiza ngakho. Bayangizonda, njengoba benza kuJosefa. Bayangizonda, njengoba benza ku-Abela. Bayangizonda, njengoba benza kuJohane. Bayangizonda, njengoba benza kuDaniyeli. Bayangizonda, njengoba benza uHezekeli, njengoZakariya. Bayangizonda, njengabo benza kuJesu. Bayangizonda, njengoba benza kubaphostoli nalabo abaKulandela, ngaphandle kwesizathu. Nkosi, ngiyabakhulekela."

163 Sewake wasemukela isehlakalo esinjalo, ukuthi uyaphuma na? "Futhi singubobupristi bobukhosi, isizwe esingcwele, sinikela imihlatshelo yokomoya kuNkulunkulu; okungukuthi, izithelo zezindebe zethu, siMnika udumo." Ubungama phakathi kwezwe elinenkathazo na? Ubungama phambi kukabasi wakho na? Ubungama nokuthobeka enhliziyweni yakho, nothando enhliziyweni yakho, ngenxa yezoni zalelizwe, nokuPhila kaKristu ngaphakathi kuwe, futhi unikeze ubufakazi nodumo inkazimulo kaNkulunkulu na? Uma ungenaso lesosehlakalo, kungani ungaqali izwe, impilo, yonke kabusha, namhlanje, ngokuphakamisela isandla sakho kuYe, futhi uthi, "Manje mina, Nkosi, ngiyakwemukela lokho, futhi ngifuna Wena unginikeze umbhaphathizo kaMoya."

164 Manje, Baba wethu waseZulwini, iBandla elincane kulokhukusa limile, siyazi, licoshiwe, ladutshulwa, isitha silicindezelile, siyadubula ngemicibisholo yaso. Futhi sikhulekela imiphefumulo yabo enesono, Nkosi. Abazi ukuthi baphuphuthekiswe unkulunkulu walelizwe.

165 IBandla, ngokwejwayelekile, ezweni lonke namhlanje; isitha, abantu abakholwayo, babadubulile ngawo wonke umcibisholo. Kepha ngaphezu kwakho konke, imvuselelo enkulu iyaqhubeka. Izinkulungwane zabathobekile, abampofu, abantwana abanganakiwe bakhubekile kulezizindawo, futhi babone isandla saKho esimangalisayo, sigcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Futhi abasesibo abalelizwe. Bayizihambi

nabafokazi. Abanendaba nezwe, kepha bafuna uMuzi ozayo, oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Bawabonile amandla aKho aphulukisayo, ukuphulukisa abagulayo, izibonakaliso nezimangaliso zaKho zisetshenziwe phakathi kwabantu baKho. Izinto ezinkulu ziyagqashuka, ngaphezu kwezindawo lapho bekulahla futhi bezama ukukucindezela phansi. Izinceku zaKho zihamba zingene phakathi ngqo futhi zilungiselele imvuselelo, futhi bashanyela ngokuzithoba bengena eMbusweni kaNkulunkulu.

166 Phakathi kwethu namhlanje ekuseni, sibe nenhlanhla ukuba nalezizithunywa zenkolo eziya kwamanye amazwe.

167 Esisodwa, siya kwa-Israyeli. O Nkulunkulu, nakho-ke. Thululela uMoya waKho, nakuye, Nkosi. Futhi kwangathi izinto ezinkulu zingafezwa, futhi kubangele lawomaJuda ampofu azulazulayo ukuba abuye. Kwangathi angemukela uMoya oNgcwele, njengoba obaba bawo benza ekuqaleni.

168 Nangu umfowethu ophumayo oya eCuba, ngaphandle esiqhingini. Wena wathi, "Kuyo imikhawulo yomhlaba."

169 Okuthile kudonsa, kudluthula enhliziyweni yabazalwane. Beshiya amakhaya abo, abathandiweyo babo, bengakhathalele ubumnandi nezikhathi ezimnandi zalelizwe, kodwa bephuma beyongena emazweni ayinyumba ngaleya; ngaphansi komphikisi, ezama ukumisa umsebenzi. Kodwa njengenkabi eyabuyisa inqukumbane, nemiyalo kuyo, nomphongolo wesivumelwano. Bashiya abancinyane babo, beklabalasa, futhi behla ngomgwaqo, bebubula, becula, behlela ezansi eDwaleni.

SiKubonga ngabo bonke abefundisi.

170 Sibona ohleli emuva ebandleni lethu, uMfowethu John, kulokhukusa, futhi, ophuma eJalimane. Ukuthi wakhuliswa kanjani, empofu. Edonse inqola encane esizweni sonke, eshumayela iVangeli. NgiyaKubonga ngaye!

171 Futhi lezizinsizwa, nabanye abefundisi abahleli eduze, nabo bonke abantu abangamalunga nje. Lapho ngicelile, Baba, ngikholwa ukuthi ngaphansi kwesikhathi esinje, ukuthi uma owesilisa noma owesifazane bebengenaye uKristu enhliziyweni yabo, bebeyophakamisa isandla sabo, impela, bebona bonke ubufakazi beVangeli, ukuthi Unguye ofanayo neBandla laKho liyilo elifanayo.

172 NgiyaKubonga ngabo bonke. Ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa. Futhi uphulukise imizimba yabo uma begula, futhi baphe izifiso zenhliziyo yabo. Siphe lokhu, Baba, sicela eGameni likaJesu.

173 Futhi amakhanda ethu ekhotheme, ake nje sizindle imizuzu embalwa. [UMfowethu Branham uyama kancane—Umhl.] Yiba nje semkhulekweni, ngokushayela phansi.

Owokuqala ukufela lelicebo likaMoya oNgcwele,
Kwaba nguJohane umBhaphathizi, kodwa wafa njengomuntu;
Kwase kufika iNkosi uJesu, baMbethela,
Washumayela ukuthi uMoya ubuyosindisa abantu esonweni.

Base bemkhanda ngamatshe uStefanu, washumayela wamelana nesono,
Bona, bethukuthele kakhulu, bachofoza ikhanda lakhe;
Kepha wafela ekuMoya, waphuma umphefumulo,
Futhi wahamba ukuyohlangana nabanye, lesosixuku esikhulu esinikela ngokuphila.

Kwakukhona uPetru noPawulu, noJohane omkhulu,
Banikela ngezimpilo zabo ukuze leliVangeli likhanye;
Baxubanisa igazi labo, njengabaprofethi basendulo, (Leyo kuseyiNzalo, eyahlushwa.)
Ukuze iZwi likaNkulunkulu leqiniso likhulunywe ngobuqotho.

Kwakukhona imiphefumulo engaphansi kwe-altare, ikhala, "Koze kubenini na?"
Ukuba iNkosi ijezise labo abenze okungafanele;
Kepha kuzoba nabanye abazonikela ngegazi lokuphila kwabo
NgaleliVangeli likaMoya oNgcwele nomzamcolo walo obomvu.

Lilokhu livuza igazi, yebo, livuza igazi,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi,
Igazi lababafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi.

174 [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha u *Livuza IGazi*—Umhl.]

175 O Nkulunkulu! Woza, Nkosi Jesu! Sibumbe manje ngenkathi sisathobekile phambili kwaKho. Thatha konke ukunganaki ezimpilweni zethu, kuphume ezinhliziyweni zethu, ngenkathi u—ubumnandi bukaMoya bubukeka bunamehlo anombala. UNkulunkulu ethatha iZwi laKhe manje futhi eLinisela. Sijabule kakhulu ukuthi Usifakile, Baba, ukuba sibe ngabathwali beVangeli.

176 Sikhulekela sonke isidingo sebandla. Sikhulekela umelusi wethu othandekayo, O Nkulunkulu; inceku ethembekileyo, engakhathali, ihlale njalo ikulungele ukuhamba. Khuluma

enhliziyweni yakhe, namhlanje, futhi makazi ukuthi kunomvuzo omkhulu olindile lapho kulabobelusi abathembekile lapho bebuthana ngaleya kolunye uhlangothi nabo bonke abahlengiweyo.

177 Busisa abanye abefundisi, nezithunywa zenkolo, namalungu oMzimba kaKristu, yonke indawo. Sithethelele amaphutha ethu, Nkosi.

178 Futhi manje uma kunesidingo ezinhliziyweni zethu, Nkosi, Ungeke yini, ngenkathi Usekhona, usibusise na? Uma kunokugula phakathi kwethu, Nkosi, othize angahle, ongene ebandleni elincane namhlanje, futhi babuke ngaleya futhi babona iKalvari, babona lapho lapho iNzalo yangempela. Lapho uSathane acabanga ukuthi wayengaYibhubhisa ngokufa, kodwa uNkulunkulu waYivusa futhi. Angeke nje akwenze! UNkulunkulu wenze isithembiso, futhi uNkulunkulu uhlala nesithembiso saKhe. Futhi sonke isithembiso siyiqiniso. Wasethembisa ukuPhila okuPhakade, sinaKho. SiyaKuzwa. Kukhona oKuthile kithi, okunyakazayo, esingeke sikwazi ukukuchaza. O Nkulunkulu! Phakathi kwenkathazo, sizwa oKuthile kubamba emuva ngaleya, "Hlala nje uthule." Iziphepho zingayishaya iNzalo, umkhumbi ungayendezelisa isikebhe sethu soseyili esincane. Uzokwenza indlela ngaphezulu, ngaphansi, ngokuzungeza, noma ukwedlula kuso, ngandlela-thize. Ngakhoke, sibekwe ngqo sancika eZwini, Nkosi.

179 Ngiyakhuleka manje ukuthi uma othile egula emhlanganweni, ukuthi lo Moya, osendlini khona manje, uyehla ngothando olukhulu, uthi, "Mntwana waMi, yiMi lona. NginguBaba Owakudalayo. NgiNguye Owaletha—imisuka evela emhlabeni, eyakubumba waba yilokho oyikho. USathane uzama ukungena emsebenzini waMi. Thatha isithembiso saMi, mntwana."

180 Futhi lo mkhuleko wokukholwa ngiyawunikela, ngikholwa ukuthi Wena ulapha. Makuthi izandla zaKho, Nkosi, zelulekele phambili kuyo yonke inhliziyo, nokugula kusuke kubantu. Ngiyalikhuza idemoni; ukucindezela kwedemoni, idemoni lokwesaba, idemoni lokugula kwalo lonke uhlobo. Wena wathi, "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni." Ebunyeni balelibandla, naloMoya kulokhu ukusa, sixosha bonke ububi kubantu; ukuthi sisuka lapha, sihlanzekile, ngoMhlatshelo weNkosi uJesu, njengoba siKwemukela ngokuthobeka.

181 Sibusise ekufundiseni okuqhubekayo. Sibusise kunoma yini esiyenzayo. Hamba nabefundisi kanye nabavangeli kanye nezithunywa zenkolo, ezindaweni zabo, Nkosi. Siphe ukuthi ngolunye usuku sizohlangana e—ezinyaweni zaKho. Khonake siyobeka imiqhele yethu phansi. Nkulunkulu, bayoba yizo zonke izinhlobo. Bayoba ngumuntu omhlophe, umuntu ophuzi, umuntu omnyama. Bonke ndawonye, siyothi, "Nkosi, nampa."

Lolo kuyoba usuku lokuthokoza olunjani pho! Masisebenze kuseyimini, ngoba ubusuku buyeza lapho kungekho-muntu ongasebenza. Sicela lezizibusiso e—eGameni elithandekayo leNdodana kaNkulunkulu, uJesu Kristu. Amen.

Konke kuyenzeka, kholwa kuphela;
Kholwa kuphela, o-. . .(Kuyini?)
Konke kuyenzeka, kuphela . . .

182 Bangaki abebenesidingo, futhi abebengakholwa khona manje na? Uzophakamisa isandla sakho, uthi, "Manje ngiyemukela."

Manje ng'yemukela, manje ng'yemukela,
Konke kuyenzeka, manje ng'yemukela;
Manje ng'yemukela, manje ng'yemukela,
Konke kuyenzeka, manje ng'yemukela.

183 Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje manje. Qhubeka nje, dadewethu, opiyaneni, uma uthanda. Wena uyaMemukela na?

184 Uthi, "Mfowethu Branham, sengigule isikhathi. Kubekhona into ebukeka ngathi angikwazi nje ukuyinqoba. Ngikhulekelwe, ngabantu ngamunye."

185 Lokho kuhle, mfowethu, dadewethu, kodwa uke wacabanga ukuthi kuyini na? Yileso sithembiso esincane osinikiwe. "Konke kuyenzeka kuye okholwayo."

186 Ungephose lokho phakathi ngqo eKalvari kulokhukusa na? Bamba nje ukuphela kwakho lapha, uMoya okunikeza khona. Kuphosele phakathi ngqo eKalvari, bese uthi, "Ihange lami libambelele. Manje ngiyemukela, khona manje. Sekuphelile, khona manje. Akunandaba ukuthi kwenzekani, khona manje ihange lami libambelele ngaphakathi kweveli, futhi ngemukela lokho engikucelile nje. Ngiyazi nginakho. IZwi likaNkulunkulu lasho njalo. Futhi, Nkulunkulu, ngibheke kuWe manje." Mhlawumbe ubunezinkathazo, izinkinga zezimali, noma ngabe yini. Akunandaba ukuthi kuyini, kuphose khona ngaleya kuncike eKalvari. Ngoba konke . . .

Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

187 Kudedele nje kuzike ngaphakathi, kamnandi ngempela. Akumangalisi na? Lesi yisikhathi sami senkonzo. IZwi lihlwanyeliwe, niyabo, manje uNkulunkulu uyaLinisela. Niyakuzwa nje lokho ku re-. . .lokho okuthulisayo, okuhlumelelisayo okuvela eBukhoneni bukaNkulunkulu, kwehla nje, kuLinisela, uthi, "Manje, lapha, mntwana, ngi—ngiza neZwi laMi. Ngihlonipha iZwi laMi. NgiYalibhekisisa, imini nobusuku, futhi ngiyaLinisela manje enhliziyweni yakho. Ungeke yini nje waNgithatha futhi uNgikholwe na?"

Ngokuba konke (ini?) kuyenzeka, kholwa
kuphela.

188 He! Kumangalisa kanjani! Kumangalisa kanjani, ukucwilisa nje, ukuzwa amanzi ehlela phezu kweziMbewu! Yini na? IMbewu yokulunga, Isihlwanyelwe enhliziyweni yakho. YiZwi likaNkulunkulu. Leyo yiMbewu. Lowo nguMoya oNgcwele. IMbewu kaNkulunkulu ayethembisa ekuqaleni. Wena uyiMbewu ka-Abrahama, ngokuba ngofile kuKristu, futhi uthathe iMbewu ka-Abrahama futhi niyizindlalifa ngokwesethembiso. UMoya oNgcwele uvela eNzalweni ka-Abrahama, enenza amadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

189 Manje, lowo nguMoya oNgcwele onisela lesosethembiso osithathile esikhashaneni esedlule, ngokuphulukiswa kwakho, ngensindiso yakho, ngokuhamba okungcono, ngokwesaba ukuthi kuzokushiya, nganoma yini oyidindayo; ngalolohambo ezansi eziqhingini, ngalolohambo ngapheseya emazweni endabuko akwa-Israyeli; ebandleni lakho, endaweni yakho, noma ngabe kuyini, ekhaya lakho. Lowo nguMoya oNgcwele uthi, "YiMina lowo. Nginawe. Qhubeka. Ngihola indlela. Wena, yiba ulokhu uqhubeka uhamba. YiMina lowo."

Kukhona uJu lwakho eDwaleni;
Shiya isono sakho ukuze iGazi limboze,
Kukhona uJu lwakho eDwaleni.

Singasukuma.

Phumela ezitaladini nasemvudlweni,
Shumayela iZwi . . .

190 [UMfowethu Branham uthi, kothile emsamo, "Kukhona ofuna ukukusho na?"—Umhl.]

Yisho kuwo wonke umfowenu owile,
Kukhona uJu lwakho eDwaleni.

O, kukhona uJu eDwaleni, mfowethu.
Kukhona uJu lwakho eDwaleni;
Shiya izono zakho ukuze iGazi limboze,
Kukhona uJu lwakho eDwaleni.

191 Manje, bukani, angifuni nihambe okwamanje. Ngifuna nina nibone umuntu othize emi eduze kwakho, xhawulanani, nithi, "UNkulunkulu akubusise, mfowethu," noma dadewethu, noma ngabe ubani. Phendukani nje nizungeze. Leli yitabernakele elidadlana elingakhethi-hlelo. Sisohambweni lwethu nje, abantu abayinqaba. [UMfowethu Branham nalabo abasebandleni bayaxhawulana omunye komunye—Umhl.] Kulungile.

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokuhlupheka nowosizi;
Liyakukunikeza injabulo nentokozo,
Lithathe noma uyaphi.

Gama eliligugu (Gama eliligugu), O limnandi
kangaka! (O limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Manje wonke umuntu akabheke ngalendlela manje.

Nge—ngeGama likaJesu siyakhothama,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
INkosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa,
Lapho uhambo lwethu seluphelile.

Gama eliligugu (Gama eliligugu), O limnandi
kangaka! (O limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu (Gama eliligugu), O limnandi
kangaka!
Themba lomhlaba nokwathaba . . . ?. . .

192 Manje sisakhothamisela amakhanda ethu eNkosini uJesu. Kube yijubili enkulu, umkhosi omkhulu, umkhosi wepentekoste eZwini nasezintweni zikaNkulunkulu, kuMoya waKhe oNgcwele. Sifuna ukukhulekela izibusiso zikaNkulunkulu phezu kwabazalwane bethu abayisithunywa senkolo abaya emasimini manje, futhi Nkulunkulu basheshise baqonde ngqo. Sikunikeza isethembiso; sizobe sinikhulekela, mfowethu, dadewethu. Amakhosikazi abo, abathandiweyo babo, sicabanga ngalokho abesifazane abedlula kukho. Ngiyazi, ngomkami uqobo.

193 Kubelusi lapha, uMfowethu Jackson, futhi—futhi ngicabanga ukuthi uMfowethu Beeler usemuva lapho, nabanye abaningi abelusi. UTeddy emuva lapha, umfundisi osemncane. Abaningi abanye abalapha, sikhulekela izibusiso zikaNkulunkulu. Umfowethu osemncane lapha, ovela phansi ebandleni likaNkulunkulu, esizombona kulentambama. Sikhulekela izibusiso phezu kwakhe, umvangeli, ngikholwa ukuthi kunjalo. Akunjalo, mfowethu na? Ungubani igama lakho? [Umfowethu uthi, "Morgan."—Umhl.] Mfowethu Morg- . . . ["Morgan."] Morgan, uMfowethu Morgan. Ngijabule kakhulu ukuba nabo bonke lapha!

194 Futhi, manje, sisakhothamisela amakhanda ethu kuYe manje, futhi sibuka. Kukhona umfowethu omncane othobekile omi ngemuva esakhiweni. Udonsa inqola encane, ngiyaqonda, esizweni sonke. Iningi labo limazi njengo "Mprofethi uJohn." Simbiza ngo "Mfowethu John," ngalapha. Bengihlala njalo ngiyihlonipha indoda. Kodwa, ngelinye ilanga ngangiphezulu ngivakashele abanye babangane bami, lowo ngumfowethu . . . UDadewethu Jimmy O'Neal, phezulu eSellersburg. Lowo ngumkhwenyana wakwabo kaMfowethu noDadewethu Green. Bakhona namhlanje ekuseni. Futhi uMfowethu John ubekade

esekhaya labo, futhi bangitshele ukuthi wayengumnumzane ohloniphekile ongumKristu wangempela kanjani. Futhi banginika impilo yakhe, yalokho ayebatshele khona, nokuthi wakhuphuka kanjani ezivivinyweni ezinzima. Futhi ubenendlela enzima. Futhi sizomcela, namhlanje ekuseni, uma ezokhipha lelibandla, futhi acele isibusiso sakhe kuNkulunkulu, phezu kwalelibandla. Ungasenzela khona, Mfowethu Johnny? Njengoba sonke sikhothamisa amakhanda ethu. Futhi, Mfowethu John, uma ungasikhipha ngomkhuleko.

